# Ubudemoni

## Endaweni yezeNkolo

Angazi ukuthi bangaki kolaziyo leliculo elincane, njengoba nginibingelela ngokufudumala okwedlula konke kwenhlanganyelo yobuKristu nothando lukaKristu namhlanje, bangaki kolaziyo leliculo elincane, "UyaKuNakekela na"? Niyalazi na? Kulungile, ake sibone ukuthi siyalithola yini. Uyalazi, dadewethu na? Uyalazi na? Manje:

Uyakunakekela,
Uyakunakekela;
Ekukhanyeni kwelanga noma ethunzini,
Uyakunakekela.

O, lokho kuhle. Ake silizame futhi manje.

Uyakunakekela,
Uyakunakekela;
Ekukhanyeni kwelanga noma ethunzini,
Uyakunakekela.

2 Baba wethu waseZulwini, [Akuqoshwanga—Umhl.]. . . kholwa ukuthi Wena uyasinakekela futhi ubonakalise uthando lwaKho ngakithi, ngangokuthi Wathumela iNdodana yaKho uQobo ethandekayo, uku. . .iNdodana kaNkulunkulu engenacala, ukuthatha indawo yezoni ezinecala. SiKubonga kakhulu, ukuthi Wena wasinakekela futhi wasikhumbula, ukuba senze lokhu! Futhi sinokubonga kakhulu, Nkosi. Siyajabula ukubuthana lapha kulentambama, phansi kwemipheme yezibhakabhaka, futhi sicela izibusiso zaKho phezu kwalenkonzo. Siphe khona, Nkosi, ukuthi wonke owesilisa, owesifazane, umfana noma intombazane olapha, sengathi angafundisisa ngokujulile manje emiBhalweni. Sibhekene nezwe elilawulwa nguSathane. Futhi, Baba, siyakhuleka, njengoba sifundisisa amandla amademoni nokuthi enzani kubantu, ukuthi Uzosipha ukukholwa okukhulu, futhi sengathi izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu zingenziwa. Ngokuba, sikucela eGameni likaKristu nangenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

3 Thina, ukufundisisa kulentambama, masinya singene kukho, ngiqagele, cishe imizuzu eyishumi nesihlanu ngaphambi kwesikhathi. Kuselokhu kuku*Budemoni*.

4 Futhi manje ngisanda kuthola umlayezo, esikhashaneni esedlule; Mfowethu Beeler, evela kubangane bami. Futhi ngiqala eAfrika, phakathi noJulayi. Ngakho lokho kuyakuxazulula, sesikulungisile manje. Futhi uMfowethu Baxter akakwazi

ukuhamba ngalesosikhathi, ngakho ngizodingeka ngiye eAfrika qobo lwami. Ngakho ukuwelela lapho ne. . . sengathi i. . . Nizofanele ningikhulekele manje, ukuthi iNkosi izongisiza, ngoba ngempela ngizowudinga manje, phesheya lapho phakathi kwe. . . Ngibheke okungenani abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili kulowomhlangano.

5 Futhi nginombono obhalwe wakhishelwa lapha. Ngifuna nina bantu nithole ukuzuza ngawo. Wenzeka ngoDisemba. Ngangisekamelweni ngokunye ukusa ngenkathi kungena iNgelosi yeNkosi. Nga. . . Niyabo, ngenkathi ngiphesheya lapho, angimlalelanga uNkulunkulu, futhi ngahlalwa yi-amiba isilwane esihlala emanzini. Noma ubani uyazi—uyazi ukuthi yini i-amiba, into ephila ngokuncela igazi ethola . . . icishe ikubulale. Futhi ngoba ngangenze into uNkulunkulu ayengitshele ukuba ngingayenzi. Bangaki koseke wayizwa indaba yakho na? Ngiqagele kwabanye benu ukhona. Ngiyabazi abafo balapha etabernakele bayizwa indaba yokuthi kwenzekani. UNkulunkulu wangitshela ukuba ngiye endaweni, nokuthi ngingahlali ku*le*ndawo, nokuthi ngibuye ngiwelele kwenye indawo. Futhi ngavumela abashumayeli bangishintshisa kukho. Manje, abashumayeli bayisimangaliso, futhi bangabafowethu, kodwa yazisa lokho uNkulunkulu akutshela khona. Kunjalo. Niyabo? Unomsebenzi owodwa owubizelweyo.

6 Bangaki okhumbulayo ngesinye isikhathi kwakukhona abaprofethi ababili eBhayibhelini na? Futhi omunye wabo, iNkosi yamtshela, yathi, "Hamba uye endaweni *ethize*. Futhi unge—ungezi nge . . . Ubuyele emuva ngenye indlela," nokunjalo. Futhi—futhi wathi, "Ungadli noma uphuze uselapho."

7 Nomunye umprofethi weqiniso wahlangana naye, futhi wathi, "INkosi yahlangana nami emva kokuba Ihlangene nawe." Futhi wathi, "Woza endlini yami." Nomprofethi walalela kulokho okwashiwo omunye, futhi walahlekelwa ukuphila kwakhe ngakho. Niyabo, wenza lokho uNkulunkulu athi kwenze kungenandaba ukuthi noma ubani omunye umuntu uthini.

8 Manje si. . . Kulombono, Wa. . . Wangivusa, ziyishumi nanhlanu kuSeptem-. . . noma kuDisemba. Futhi—futhi lapho ngisahlezi eceleni kombhede wami, ngangimangala ukuthi liyoba yini ikusasa lami. Sengibuyela ngapha, base belungele ukungiphosa esibhedlela sabaphethwe wubhubhane, izinto eziphila ngokuncela igazi zase nje zicishe zangithatha. Futhi bayangihlola ngenkathi ngifika kulelizwe. Futhi, ngomusa kaNkulunkulu, bavele bangidedela ngaya ekhaya, ngoba kusabalele kakhulu. Futhi ngakhuleka, futhi ngaya kulabo befundisi, ngathi, "INkosi ithe ngingahambi ngaleyondlela."

Bathi, "O, UNkulunkulu ukhulume komunye ngaphandle kwakho."

9 Ngathi, "UKora wake waba nawo lowomqondo." Futhi ngakho, kodwa ngahamba ngathola amaqabunga ngalibeka phezu kwezinyawo zabo, futhi ngathi, "Khumbulani, eGameni leNkosi, uma sithatha lolohambo lapho, luzohluleka, futhi sonke sizokhokha ngalo." Futhi impela sakhokha! O, he! Sonke sacishe safa. Ngakho kwathi-ke sesibuya . . .

10 Ninokuningi enilwa nakho kulawomazwe angaphesheya. Isibonelo nje, ulunywa yizeze elincane, likubangela ukuba ube nesifo esibangwa amakhizane. Naleyonto encane, uma ikuluma, uma uzizwa ulunywa, ungeke uzenwaye. Uyabheka, uma kungumfo omncane omnyama, ungakuncothuli. Kunekhanda elincane, kubhola kungene esikhunjeni, kuphenduke *kanje* futhi kuzibophe khona. Uma ukuncothula, uyoncothula ikhanda phakathi lapho. Kunobuthi, obungakukhubaza. Ngakho ungenwayi, noma ungamncothuli; thatha nje amafutha esilwane ashuqile. Futhi uphefumula ngomhlane wakhe. Consisela amafutha esilwane ashuqile kukho, futhi uyaphuma.

11 Bese kubakhona umiyane omncane. Awenzi nomncane umsindo. Uqhamuka emoyeni ngqo. [UMfowethu Branham umbambatha isandla sakhe—Umhl.] Uvele ukuthinte nje, yilokho kuphela, usunomalaleveva.

12 Futhi—futhi bese kubakhona abakubiza ngenyoka eyimamba. Uma ikushaya, uphila nje cishe imizuzu emibili emva kokuba ikushayile.

13 Futhi kukhona uphempethwana ophuzi. Uphila cishe imizuzu eyishumi nanhlanu emva kokuluma kwayo. Futhi enye yazo yayiseduze ngokwenele endodaneni yami, lapho ithi ibeka isandla sayo ekhanda layo. Isivele imile, ukuba igadle, ngaphambi kokuba sithole ukudubula, kanjalo.

14 Bese-ke kubakhona uphempethwana omnyama. O, kukhona konke nje! Bese kuba-ke yizingozi zasendle zezilwane, kusobala, amabhubesi, ingwe enemithende, noma izingwe, nakho konke okunye olwa nakho, emenweni. Bese kuba-ke yizifo, kukhona nje zonke izinhlobo zezifo phakathi lapho.

15 Futhi udinga ubhekane nakho konke lokho uma uhamba. Ngaphandle kwalokho, bese-ke nansi nenyangamthakathi ukukucela inselelo kukho konke, niyabo, nakho konke ukukholelwa kwabo emilingweni nasezintweni. Kodwa, kanjani, kuyinto emangalisa kanjani ukubona iNkosi yethu ivele nje ikuphebeze, ngapha nangapha, kanjalo, bese uyaqhubeka.

Futhi ngalelolanga ngiyakhumbula, ngimi lapho, kwakukuhle kanjani, okwenzekayo, ngiyonitshela ngesinye isikhathi emhlanganweni, ngoba ngifuna ukungena endabeni yami kulentambama, yo*Budemoni*.

16 Kodwa manje, futhi lokhu bengicabanga ngakho, ngihlezi lapho, ukuthi ukuphela kuyoba yini? Futhi sengibuya phesheya kolwandle, ngiyazi sasithi asibe nabaphendukayo abayikhulu

lezinkulungwane ngenkathi sisephakathi lapho. NoMfowethu Bosworth omdala ufika kimi. Wathi, ngathi, "Awu, Mfowethu Bosworth?"

17 Wathi, "Ngiyaziqhenya ngawe, Mfowethu Branham!" Wathi, "Nje usese—nje usesekuqaleni kwempilo," futhi washo.

18 Ngathi, "Awu, ngibona ukuthi isiphelile." Ngathi, "Sengedlule eminyakeni engamashumi amane eminyaka ubudala. Ngibona ukuthi ngikulwile ukulwa okuhle futhi sengiliqedile ibanga."

19 Wathi, "'Sewedlule emashumini amane nane ubudala'?" Wathi, "Ngangimdala kangako ngingakaphenduki." Wathi, "Ngisalokhu ngihamba kahle." Wayesesondela impela eza lapha emashumini akhe ayisishiyagalombili. Futhi nje . . .

Ngacabanga, "Awu, mhlawumbe lokho kuthi akube yikho."

20 Ngakho wathi, "Qha, unguBranham nje omusha sha manje. Nje uyakwazi ukulawula imihlangano yakho kangcono, nakho konke." Wathi, "Uma nje ulokhu uyishaya njalo iMelika ngendlela yayo efaneleyo, ngomhlangano omiswe kahle, lapho ongahlala khona amaviki ayisithupha noma ayisishiyagalombili endaweni, futhi uwuhlele kahle futhi ufake izikhangiso yonke indawo," wathi, "uyokwenza okuthize, kodwa, futhi kube okweNkosi yethu." Ngakho saqhubeka, saqhubeka kanjalo nje, ngakho waba muhle—muhle kakhulu.

21 Kwase kuthi emva kwesikhashana, ngabona imbono, ngenkathi ngiseMelika, futhi ufika kimi, futhi wangibuyisela eAfrika, futhi wangibonisa lowomhlangano ofanayo, kuhleziwe lapho phambi kwaseThekwini. Futhi umhlangano wokuqala waze wayophelela emlandweni, uya ngaseNtshonalanga. Umhlangano wesibili wasuka futhi, ngenkathi usuka, wawuselokhu umkhulu ukwedlula umhlangano wokuqala. Futhi I . . . Ngezwa ukumemeza, neNgelosi yayehla ivela eZulwini; YayinokuKhanya okukhulu.

22 NeNgelosi yeNkosi emi eduze kwethu lapha, yayimile, njalo ima ngakwesokudla sami, ngaphezulu *ngapha*. Futhi Kwakumi lapho, futhi Kwaku—Kwakuzungezungeza. Futhi ngayibona lendoda imi phansi kwaYo. A—Ayi . . . Manje, lowo akusiwo umbono uma uYibona. Kuyikho ngempela nje njengoba ningibuka. Ngani, ungaYizwa ihamba futhi ikhuluma nawe. Futhi ngenkathi I . . . Noma yini, kuyikho ngempela nje. Futhi akusiwo umbono; indoda imi lapho nje ngokufanayo nje njengoba ninjalo. Futhi iphimbo laYo lifana nje njengoba lingaba njalo elami noma libenjalo elenu. Kodwa umbono, into ebonakala phambi kwakho futhi uyibone, kanjalo. Kodwa loMuntu uyenyuka nje futhi ame lapho.

23 Ngakho Wangitshela ukuthi kwakuzokwenzekani. Futhi Wathi i . . . LeNgelosi yehla, futhi Yangitshela ukuba ngijike ngibheke *ngapha*. Futhi kwabhekeka ngaseNdiya, manje.

Angisho ukuthi kuseNdiya, kodwa kusondele. Kodwa babengabantu abangamaNdiya.

24 Kusobala, amaAfrika makhulu, akhuluphele, angabantu abaqatha engathi banamafutha. Abanye babo bacishe babe amafidi ayisikhombisa ubude, futhi basinda, o, amakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili, amaphawondi angamakhulu amathathu, bakhuluphele. AmaZulu, manje, amaShangane nabeSuthu, futhi, o, kukhona izizwe eziningi ezehlukene. Kukhona izizwe ezehlukene eziyishumi nanhlanu zihlezi lapho ngalolosuku, engangikhuluma kuzo.

25 Ngangisho igama elilodwa, njengokuthi, "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu." Ngangingahamba ngiyophuza amanzi bengakaqedi bonke abahumushi. Omunye athi . . . Futhi yonke imisindo!

Ngangivame ukucabanga, ngenkathi ngizwa abantu bePentecostal bekhuluma ngezilimi, ukuthi mhlawumbe omunye akhulume ngohlobo olulodwa lomsindo nomunye ekhuluma olunye, lokho kungenzeka kanjani ezweni na? Kodwa ngikholwa ukuthi iBhayibheli liqinisile, futhi ngiyazi Liqinisile, lapho Lithi."Akukho-msindo ongasho okuthize."

Abanye babo babethi, omunye wabo athi, "Bla bla bla bla," lokho kwakuchaza ukuthi "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu." Omunye athi, "Klak klak klak klak," lokho kwakungukuthi "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu," ngolimi lwakubo. Ngakho akunandaba ukuthi hlobo luni lomsindo, kukhona olukushoyo ndawo ndawo. Kunjalo. Akunandaba ukuthi hlobo luni lomsindo, lusho okuthize komunye ndawo ndawo. Futhi ngenkathi I . . . Babekuphumisela lokho.

26 Futhi ngaqaphela ukuthi ngale ngakwesokunxele sami, ngenkathi leyoNgelosi yehla futhi ngabona okungathi iqulo lapho, futhi babeyindoda ayene . . . ayebukeka sengathi ayezi—zisonge ngeshidi, *kanje*, futhi babezisongile futhi bezibophile, njengokusonga ingane encane, inabukeni. Futhi kwakuyiyo. Futhi ngangikwazi nje ukubona kude, kwakungelutho ngaphandle kokuthi kwakungabantu. Kwase kuthi-ke leNgelosi yakhanyisa ukukhanya okukhulu okuya emuva naphambili, futhi kwaqala ukushwibeka kuya emuva naphambili, *kanjalo*. Futhi angizange ngibabone abantu abaningi kangaka empilweni yami!

27 Kwase kuthi-ke lena enye iNgelosi yasondela kakhulu kimi, futhi Yathi, "Kukhona abayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu kulowomhlangano." Futhi nginakho kubhalwe phansi lapha. Futhi kubhaleni ohlobweni oluthize lwesinqamu sephepha, njengoba ngasho ngomfanyana evuswa eFinland. Kubhaleni lokho ekhasini lenu leBhayibheli elingabhalwe lutho noma ndawo ndawo, ukuthi kulomhlangano (Kuzoba

khona umhlangano. Futhi niyowuzwa ukhishwa.) wabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu bethamele lowomhlangano. Manje, nibone ukuthi lokho akunjalo yini. Lowo uzophindwa kathathu ngokulinganiswa nalowo omunye. Niyabo? Abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu ukuba bethamele umhlangano. Futhi nje ngijabule kakhulu ukuba ngifinyelele lapho, angazi ukuthi ngizokwenzenjani, ngokuba ngithanda ukuzuzela iNkosi yethu imiphefumulo.

28 Futhi lapho, ngesinye isikhathi, ngibona—ngibona izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabahedeni uqobo beza kuJesu Kristu ngokubizelwa e altare okukodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu umhedeni uqobo.

29 Manje asiye endabeni yethu masinyane impela. Izolo sifundisise iqhinga lamademoni. Kade ngicabanga namhlanje, njengoba uNkulunkulu esebenza-kangaka. Awazi ukuthi kuyinkululeko ekanjani ukuphuma. Manje, angisuye uthisha. Ngikude kabi ekubeni wumhlahli we—weBhayibheli. Futhi ngi. . .Imfundo yami igcine ebangeni lesihlanu. Ngakho lokho yi. . .Futhi, lokho, ngiphuma esikoleni cishe eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu eyedlula, ngakho leso yisikhathi esidala engagcina ngaso. Futhi anginayo imfundo eningi kangako, kodwa engikwaziyo kuphela yilokho engikwemukela ngokuphefumulelwa. Futhi uma lokho kuphefumulelwa kungaqhathaniseki neBhayibheli, khone-ke kuliphutha. Niyabo? Kufanele kube yiBhayibheli. Akunandaba ukuthi kuphefumulelwa kuni, kufanele kuze. . .*Nasi* isisekelo sikaNkulunkulu. Asikho esinye isisekelo esibekiwe kuphela yiLesi. Futhi ukuthi Lesi siyini, uma lokhu engingakusho kuphambana naLesi, thana amazwi ami awabe amanga, ngoba Lesi siyiQiniso. Niyabo? Niyabo? Futhi uma ingelosi izokutshela okuthize okuzokwehluka kuLesi, uPawulu wathi, "Mayibe yisiqalekiso kuwe," ngisho nengelosi yokuKhanya. Manje, ziningi kakhulu izinto ezinkulu. Kuphela ngi. . .kuphela i. . .Ngikhethe izinsuku ezimbili, ngenxa yokufinyelelisa lendaba kubantu, lokho bekuyizolo nanamuhla, kwemihlangano yantambama.

30 Manje, isizathu sokuba ngenze lokhu, kungukuzinikeza mina uqobo ukuzama okuncane ukubona ukuthi uNkulunkulu uzongisiza yini. Kukhona okusenhliziyweni yami. Futhi yilokhu, ukuthi, emva kwaloMlayezo omkhulu, futhi emva kokuba uNkulunkulu qobo lwaKhe esekuqinisekisa engikushilo ukuthi lokho kuyiQiniso, eZwini laKhe; ngeZwi laKhe, kuqala, bese kuba-ke ngezibonakaliso nezimangaliso. Manje, ngicabanga ukuthi, ngeQiniso leVangeli eBandleni, ngiphansi kwesibopho, kuNkulunkulu, ukuletha lokhu eBandleni. Kunjalo. Bephuke kakhulu, ezinhlanganweni eziningi kakhulu ezehlukeneyo nokuphathelene nezingxenye zobuhlelo obubodwa benkolo

bakho, kuze kuthi lokho kube yiphutha. Sonke singabantwana bakaNkulunkulu uma sizalwa ngokusha, Lokho, niyabo. Neqiniso lento lingukuthi uNkulunkulu ufuna sikwazi lokho, ukuthi singabantwana baKhe.

31 Manje, khumbulani, ithempeli likaSolomoni lalisikwa, emhlabeni wonke. Futhi nakhu kufika elinye idwala lisonteke *ngapha*, nelinye idwala lisonteke *ngapho*, nelinye lisikwe *ngapha*, nelinye lisikwe *ngapho*, kodwa, uma lihlangana ndawonye, kwakungekho-kukhala kwesaha, namsindo wesando, konke kwaya ngqo endaweni yakho. UNkulunkulu wayengoFundisayo walokho.

32 UNkulunkulu unebandla elibizwa ngeAssemblies, nelinye ibandla likaNkulunkulu, nelinye eliyi *lokhu*, nelinye eliyi*lokho*. Futhi, kodwa uma onke ehlangana ndawonye, ayoba yiqembu elilodwa elikhulu lothando lwabazalwane, noNkulunkulu uyobeka, ahlanganise leloBandla ndawonye futhi aLithathe lenyuke liyongena esibhakabhakeni.

33 Sonke isithombe esidumile, ngaphambi kokuba size siphanyekwe ehholo lobungcweti, sifanele siphanyekwe, sedlule ehholo labagxeki, kuqala. Indoda eyasidwebayo, isishisekeli. Noma, ngiyaxolisa, angisalikhumbuli igama layo, yadweba iSidlo sakusihlwa sokuGcina, empeleni, sayithatha impilo yaso yonke. Yadweba lesosithombe. Kwakuthi akube yiminyaka engamashumi amabili, noma iminyaka eyishumi, ngiyakholwa, phakathi kokudweba uKristu noJuda. Futhi beniqonda yini, kulesosithombe esidumileyo, ukuthi leyondoda efanayo eyayizifanisa noKristu, eshumini leminyaka kamuva yazifanisa noJuda? Kunjalo. Yakwenza. Iminyaka eyishumi yesono, isuka ekubeni umculi omkhulu we opera umdlalo wokuhlabelela, ukuthatha indawo kaKristu, yeza endaweni kaJuda. Awudingi ukuthatha iminyaka eyishumi. Kuthatha imizuzu eyishumi, kuyokwenza into efanayo kuwe. Kuyoguqula isimilo sakho, esonweni. Kodwa, empeleni, lesosithombe sedlula kubo bonke abagxeki.

34 Futhi yilokho engikucabanga ngeBandla likaNkulunkulu, iqembu elibiziweyo. Awu, angikusho lokhu nganoma yikuphi ukukhahla. Sengike ngahamba ezilwandle eziyisikhombisa, futhi ngisohambweni lwami lwesithathu ukujikeleza umhlaba, nabantu bathi, “Mginqiki ongcwele! Mginqiki ongcwele!” Futhi ngiwuhlolisisile umhlaba, futhi angikaze ngimthole umginqiki ongcwele okwamanje. Lelo yigama uDeveli aliqhasele kubantu. Yilokho kuphela. Ayikho into okuthiwa umginqiki ongcwele. Futhi nginezibalo zawo onke amabandla angamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha-nesishiyagalombili ehlukeneyo kwelikhona, nahleliwe emhlabeni, akukho nalinye lawo elibizwa ngabaGinqiki abaNgcwele. Futhi lokho kuvela kuhulumeni. Alikho nelilodwa ibandla elinguMginqiki oNgcwele engilaziyo. Ngakho, kwakuyinto nje uDeveli

ayibizayo. Kodwa, manje, kukho konke okwalokhu, zonke lezizinto, uNkulunkulu udwebe isithombe. Futhi ngesinye isikhathi lamabandla amancane amadala ayevamise ukuba phandle lapha, abanye benu . . .

35 Ngiqaphele lamadoda asemakhanda-ampunga. Umfana wami, izolo; bengiskamelweni, ngitadisha, futhi kwafika umfundisi wayesethi, "Ngithanda ukuxhawula ubaba wakho." Kusobala, umfana wami ukhule noMfowethu Baxter, abavele nje kube u, "Qha," yilokho, masinya. Angikuthandi lokho. Niyabo? Akunandaba uma ngi . . . Kusobala, ngeke ngaba yinceku yomuntu noNkulunkulu, futhi. Kodwa ngicabanga ukuthi ngiyakuthanda ukuxhawulana nabazalwane bami. Ngiyathanda ukwenza lokho. Kukhona okuthize ngakho, ngiyathanda ukuxhawulana no—nomfundisi. Hhayi umfundisi kuphela, kodwa noma yimuphi umntwana kaNkulunkulu, ngiyathanda ukukwenza. Bengingazi ngakho kwaze kwathi umkami wangixoxela ngakho kamuva. Awu, ukuba nje ubetshele lowomfundisi, "Awume kancane nje, ungemuva ngale usemkhulekweni, futhi—futhi ngizobona ukuthi uzothini." Awu, lokho, lokho bekuzobangcono. Ngakho ngithi ukumqondisa kancane kulokho, ukuba angakwenzi lokho. Niyabo?

36 Futhi ngakho kuliqiniso, ungeke nje uvele ube ngaphandle, njengoba umfowethu eshilo esikhashaneni esedlule. Uma ukwenza, khona-ke ngesikhathi sasebusuku ngi—sengikhathele, niyabo. Abantu bahamba bekhuluma, futhi wonke umuntu mhlawumbe unokugula, futhi uma behamba bekhuluma ngakho, masinya, nanso iNgelosi yeNkosi khona lapho ukuba ikhulume ngakho.

37 Kukhona ohlezi, ongibuka ngqo manje, uyazi ukuthi lokho yiqiniso, kusukela emizuzwini embalwa nje edlule, noma cishe ihora nengxenye eledlule. Inenekazi lihlezi lapha, ebelingazi ukuthi bekuyini, ukuthi iNgelosi yeNkosi yakhuluma nalo ngobunye ubusuku futhi yalitshela okuthize, futhi alikuqondanga. Kodwa namhlanje kwenzekile, ngakho seliyazi manje ukuthi kuchaza ukuthini ngenkathi Ikhuluma nalo. Nokuthi kube kanjani, imi lapho ikhuluma nalo, iNgelosi yeNkosi yaphuma yaya emuva ngqo futhi yalitshela ukuthi ibiyini inkathazo yalo, nokuthi konke bekumayelana nani, nokuthi—nokuthi belicabanga ngani, futhi omunye wabathandekayo balo, nokuthi uNkulunkulu ubekhulume kanjani futhi yathi Ukuqinise kanjani, nokuthi kwakuzokwenzekani. Ngakho yileyondlela impela okuyoba ngayo. Niyabo? UNkulunkulu wayesho njalo.

38 Awu, manje, kuthiwani-ke ngezikhathi ezimbalwa ezake . . . Bese, futhi umbono ngamunye uvele ukuqede amandla kakhulu kangako, niyabo. Futhi into yokuqala niyazi, uma usufika esontweni ebusuku, usuke usukhathele nya uze nje ucishe ungabe usazi ukuthi kufanele wenzenjani. Futhi

ningikhulekele manje, niyabo, ngoba kuphuma umhlangano kungene omunye, iyalandelana. Lona bekuyiwona-mhlangano kuphela, obuzokwehluka, ukuba bengizoya ekhaya manje futhi ngingezukwenza lutho izinyanga ezithi azibe mbili, ngiphume futhi ngithathe udobo lwami futhi ngihambe ngiyodoba. Kodwa ngifanele ngisuke emhlanganweni ngingene komunye ngqo, ngisuke komunye ngingene ngqo komunye, niyabo. Kwenziwa yilokho.

39 Futhi nikhuleke nonke, nina bantu emuva lapha ezethamelini. Bangitshele izolo ebusuku ukuthi . . . [Akuqoshwanga—Umhl.] . . . abanakanga bebizwa. Manje, lokho kuthi akube nengozi, niyabo. Ngenkathi bekusho . . . Awu, ngezinye izikhathi lamalambu awakhanyi, kukhona indawana emnyama phakathi kwalapho.

40 Futhi ngiqaphela iNgelosi yeNkosi uma Imi lapha, ngiyakwazi ukukuzwa. Bese ngizwa Kusuka kimi, bese ngiyaqaphela, Kuyongishiya bese Kuya ngale ndawondawo kuthi ukuma lapho kancanyana futhi ngiyakwazi ukuKubona. Futhi kuyaye Kukhanyise bese kuba khona umbono ofikayo. Bese ngibona umbono. Ngiyaye ngiqaphele ukuthi umuntu obukeka kanjani okungakuye lapho. Ngimthole umuntu, bese ngiyakhuluma. Yilokho okwenzekayo. Kwenzeka lokho-ke. Awudingi ukukutshela wonke umuntu lokho, kodwa yilokho—yilokho okwenzekayo, niyabo. Konke kusendaweni yokomoya.

41 Bese kuthi uma lowomuntu enganaki, kuyofana nokufunda iBhayibheli lapha futhi uthi, "Akukho lutho kuKho," usuke uhambe kuKho. Niyabo? Ngakho lokho kwenza kube kubana. Ngakho hlala uqaphele, yiba ngolalelayo, yiba ngoqaphele. Uma Ikhuluma, phendula. Niyabo, nje kulungele ukuphendula noma nini.

42 Futhi ngakho umkami, noMfowethu Beeler nabaningi babo, kulokhukusa, ubengixoxela ngakho, ukuthi bekubiza indoda mayelana nomfowabo, ndawo ndawo, obekukhona obekungahambi kahle kuyo, nokunjalo. Nendoda ayizange ikunake ukubizwa, ngakho lokho akukwazi ukusizwa. Lokho kuphakathi kwendoda noNkulunkulu. Umbono wasuka kimi. Angibange ngisawuthola-ke, ngoba ayizange iphendule. Ngakho, yiba ngoqaphelayo, hlala uqaphele.

43 Manje ngithatha lendaba yo*Budemoni* futhi ngikhuluma ngamademoni. Manje, abantu, uma uthi "idemoni," masinyane nje baqala ukucabanga, "O, intshisekelo ethile eyeqile noma okuthize!" Kodwa amademoni likhona ngempela njengeziNgelosi nje. Nje akhona ngempela.

44 NoDeveli ukhona nje ngempela ungudeveli, njengoba uJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu. Ungudeveli! IZulu liyinto ekhona ngempela nje. Futhi uma ingekho into okuthiwa yisihogo, ayikho into okuthiwa yiZulu. Futhi

uma lingekho iPhakade elibusisiweyo . . . Isijeziso saPhakade, ngiqonde ukusho njalo, alikho iPhakade elibusisiweyo. Uma ingekho imini, abukho ubusuku. Niyabo? Kodwa njengoba impela ikhona imini, bukhona ubusuku. Nje—njengoba impela ekhona—impela ekhona umKristu, kumele ukuthi abekhona nomzenzisi. Njengoba impela ekhona umuntu ongowoqobo kuNkulunkulu, ukhona umuntu olingisa lokho. Niyabo? Kuyiso impela isizathu esimelayo nesiphikisayo, okumhlophe nokumnyama, kwehle njalo ekuphileni kukho konke, iqiniso namanga ndawo zonke. Futhi kukhona ivangeli lamanga, kukhona iVangeli leqiniso. Kukhona umBhaphathizo weqiniso, kukhona umbhaphathizo wamanga. Kukhona ukuzenzisa, futhi kukhona okweqiniso. Kukhona idola langempela laseMelika, kukhona idola lamanga laseMelika. Kukhona umKristu uqobo, kukhona umzenzisi uqobo, niyabo, lokho nje ukulingisa. Ngakho uyakuthola lokho, ngakho konke kuhambisana ndawonye. Manje, asikwazi ukukwehlukanisa. UNkulunkulu uvumela imvula ine.

45 Sengathi Angangivumela ngikhulume lapha kancanyana nje. Bangaki abashumayeli olapha, phakamisani izandla zenu. Macala onke, abashumayeli, asibone izandla zenu. Awu, uNkulunkulu anibusise, bazalwane. Manje, manje, ningakuthathi lokhu kube yimfundiso manje, kodwa, ngaphambi nje kokuba sisondele kulendaba ebalulekile, ngizonitshela ukuthini. Bangaki abantu abangamaPentecostali olapha na? Phakamisani izandla zenu, macala onke ndawo zonke. Awu, nonke ningamaPentecostal. Kulungile. Ngizonitshela ukuthi nganginani ngenkathi ngiqala ukufika endaweni yenu, isikhundla.

Ngangikhona lapha enhla eIndiana, endaweni ethize ebizwa ngeMishawaka. Iqembu lokuqala labantu abangamaPentecostal ukuze ngilibone, babebizwa nge—ngePentecostal Assemblies ka Jesu Kristu, ngiyakholwa, noma into efana naleyo, isigejane esimangalisayo sabantu. Manje sebezihlelile bahlangana futhi bazibiza ngeUnited Pentecost. Baqembuka kuwo onke, ngenxa yempikiswano yombhaphathizo wamanzi. Lokho akubenzi babe ngumzenzisi. Baningi abayibo uqobo, uMoya oNgcwele wangoqobo ngempela, umKristu ozelwe ngokusha ezikhundleni zabo. NoNkulunkulu wabapha uMoya oNgcwele ngokubhaphathizwa e "Gameni likaJesu," futhi upha abanye umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngokubhaphathizelwa ku "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Ngakho, "UNkulunkulu ubapha uMoya oNgcwele, koMlalelayo," ngakho ubani—ubani onawo, ubani owaMlalelayo na? Nakho la okhona.

46 Uma nje ukhohlwa, nalabo ofuna ukuba yindlela eyodwa, mababenjalo, futhi qhubekani nje nibe abazalwane. Yilokho kuphela. Ninga . . . Kwenziwe yini, kwakungukubaqembula, ukuqembuka. Niyabo? Yini na? Kwakungukuqembula,

ukuzimbula, ukuqembula ubuzalwane, nizimisa futhi nizehlukanisa nina. Qha, mnumzane, asehlukene, simunye. Kunjalo.

47 Kodwa ngenkathi ngimi lapho, ngangiqaphele labobantu. Manje, mina, ngisanda kuphuma nje ebandleni elidadlana eliyiBaptisti yangaseNingizimu, ngani, ngangibabona labobantu, ngahamba ngangena lapho futhi babeshaya izandla zabo, bememeza, "Ngingomunye wabo, ngingomunye wabo, ngiyajabula ngithi ngingomunye wabo!"

48 Ngacabanga, "Wo! Wewu!" Into yokuqala uyazi, nakho kwehla omunye edlula lapho, esina kakhulu ngempela njengoba besina. "Tu-tu-tu-tu-tu," Ngacabanga, "ukuziphatha okunjani-ke lokhu kwebandla! Angikaze ngizizwe izinto ezifana nalokho." Ngangilokhu ngibaqaphele, ngapha nangapha. Ngimangele, "Awu, kwenzenjani kodwa ezweni ngalabobantu na?"

49 Manje, ningizwile ngixoxa ngomlando ngempilo yami, lapho engadibana khona nalowomhlangano lapho. Kodwa lokhu yiyonanto eyodwa engingakaze ngiyixoxe, angikaze ngiyixoxe ngaphambili, emphakathini. Ngakho ba . . . Manje, uma ufuna ukukwesula kwisiqophamazwi sakho, ngani, ungenzenjalo. Kulungile. Manje, kulokhu ngaqaphela, futhi manje ngacabanga, "Awu, labobantu ngabantu abajabule ukwedlula bonke abantu esengake ngababona empilweni yami." Babengenamahloni ngenkolo yabo. Thina maBaptisti sithi ukuba namahlonyana amancane nje, ngasikhathi, niyazi. Niyabo? Futhi uma eyokhuleka, uyazi, aya emva kwesishayisa moya, uyazi. Futhi—futhi, kodwa thina . . . Kodwa labobantu wayengenjalo, mfowethu, ba—babenenkolo kwingaphakathi lonke, ngaphandle, nasendaweni yonke kubo.

50 Awu, ngiyakhumbula ngalobobusuku ngenkathi ngifika emsamo. Bathi, "Bonke abashumayeli emsamo." Kwakuyingqungquthela. Babefanele babenayo enhla lapha eNyakatho, ngesizathu se—ngesizathu senkinga yamakhaladi, umthetho kaJim Crow waseNingizimu. Ngakho bonke babehlangene lapho bevela ndawo zonke. Ngakho, ngangihlezi phezulu lapho. Futhi wathi . . . Awu, manje kukhona . . . Ngabezwa bonke abashumayeli ngalolonke lolosuku nalobobusuku. Bathi umshumayeli othize omdala, wayeyindoda endala elikhaladi yaphuma yeza, inamayoyosana nje ezinwele eziyisiyingelezi ekhanda layo, *kanjalo*, igqoke elikhulu elide elidala ijazi eliwumjiva labashumayeli elimisise okomsila, uyazi, ukhololo oyivelvethe, futhi isimo sezulu sasishisa. Umfo ndini omdala ephumela lapho *kanje*. Wathi, "Bantwana bami abathandekayo," wathi, "Ngifuna ukunitshela,"ezofakaza. Ngangithi angibe ngomncane kunabo bonke ngihlezi emsamo. Ngakho-ke wayesethi, "Ngiyanitshela!" Wathatha itekisi yakhe ngale kuJobe, "Wawukuphi lapho Ngibeka izisekelo zomhlaba na? Ngitshele ukuthi zibekwe phezu kwani."

51 Bonke laba abanye abashumayeli babekade beshumayela ngoKristu, ngasohlangothini olwejwayelekile. Ngabalalela, ngabajabulela. Kodwa hhayi lowomfana omdala! Wabuyela ngaphambili cishe kweminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngaphambi kokuba kuze kuqale izwe. Wenyukela emaZulwini wayesehla eqonda ezibhakabhakeni, ukuthi kwakwenzekani. Ababeshumayela ngakho, beqhubeka, emini; wayeshumayela ngokuthi kwakwenzekani eZulwini. Wambuyisa uKristu ekuvundleni kothingo lwenkosazana, emuva phambili ndawo ndawo kwiPhakade. Ngani, yayikade ingakashumayeli cishe imizuzu emihlanu yaze yathi leyonsizwa endala, kwabakhona Okuyibambayo. Yagxuma yaya phezulu emoyeni yahlanganisa izithende zayo phaqa, futhi yampompoloza, "Huu!" Yayinendawo ethi impela ayibe ngangalena enginayo phezulu lapha. Yathi, "Aninayo indawo eyenele mina ukuba ngishumayele," futhi yasuka yahamba.

52 Awu, ngacabanga, "Uma lokho kuzokwenza lokho endodeni ethi ayibe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, kuzokwenzani kimi na?" Yilokho engikufunayo. Yilokho engikufunayo.

53 Kodwa okwangitholayo kwaba yilokhu. Manje, sikhuluma ngamademoni manje. Okwangitholayo, ngaqaphela amadoda amabili. Omunye wayehlezi ngakwelinye icala, nomunye ngakwelinye. Futhi kwakuthi uma kwehla uMoya, lawomadoda ayesukuma futhi akhulume ngezilimi amemeze, futhi ajike abemhlophe wonke umlomo. Futhi ngacabanga, "O, he, ukuba nje bengingaba nalokho!" Niyabo? "Kuyisimanga! O, lokho yi. . .Nje ngiyakuthanda lokho!" Awu, ngaphuma ngaya ensimini kakolweni. Futhi nganixoxela ngomlando wempilo yami. Nawufunda encwadini. Ngalala ubusuku bonke. Futhi ngibuya ngakusasa ekuseni, ngakho ngacabanga ukuthi nje ngizokuhlola. Nginendlela yokwenza izinto ezingaziwa-muntu kuphela nguNkulunkulu nami. Ngakho, lokho, ngithatha umfanekiso bese ngiyodibana nomoya womuntu. Ukubona khona lapha emsamo. Niyabo? Futhi ngakho ngase-ke ngikhuluma neyodwa yalawomadoda. Ngiyawabona, ayehlala asondelane ndawonye, futhi nje ayebamba izandla futhi asine amemeze. Ngacabanga, "O, he, lokho kuzwakala kuyikho ngempela kimi!"

54 Ngase ngibamba esinye sezandla zayo. Ngathi, "Sawubona, mnumzane?"

55 Yathi, "Sawubona." Indoda elunge kabi, uhlobo lomfo ongumnumzane ohloniphekile. Wathi . . .

Ngathi, "Ungumfundisi na?"

Yathi, "Qha, mnumzane. Ngiyilunga nje elingumuntu-nje."

56 Futhi ngathi ukuqhubeka nengxoxo encane nayo ukuze ngibambe umoya wayo. Niyabo? Yayingakwazi lokho. Akekho

owayekwazi. Angizange ngisho lutho ngakho. Iminyaka kamuva, ngaphambi kokuba ngikusho. Ngakho ba . . . Kodwa ngenkathi sengithola, kwaba yiqiniso, kuphelele phaqa, indoda engumKristu! Leyondoda ngokoqobo yayingongcwele kaNkulunkulu. Ngacabanga, "Mfowethu, kuhle lokho."

57 Kodwa ingxenye eyinqaba, sengithola enye indoda, kwakuphambene. Yayihlala ngisho nanowesifazane owayengesuye umkayo. Kunjalo. Futhi ngakubona kuvumbuluka kuyo, umbono. Ngacabanga, "O, he, akukwazi ukuba njalo." Nendoda . . . Ngacabanga, "Manje, manje, lomoya ophakathi kwalababantu uphambene. Yilokho okukuwo."

58 Ngakho ngalobobusuku ngenkathi i . . . ngaya emhlanganweni, nezibusiso zazehla, ngangikhuleka kuNkulunkulu, noMoya oNgcwele, iNgelosi yeNkosi inikeza ubufakazi ukuthi kwakunguMoya oNgcwele. NoMoya ofanayo owawehlela ku*le*ndoda wawehlela ku*leyo*ndoda. Futhi kwakuthi uma uMoya wehla, omabili ayesukuma, futhi omabili amemeze futhi akhale kakhulu futhi adumise iNkosi, futhi akhulume ngezilimi futhi asine. Ngathi, "A—a—angikutholi nje, Nkosi. I . . . angikuboni eBhayibhelini, lapho lokho okungaba ngokufanele." Manje ngathi, "Mhlawumbe ngiyadukiswa." Niyabo? Ngathi . . . Manje, lapha, a—angi . . . Ngi—ngingofuna isisekelo ngempela eBhayibhelini. Kufanele kube yiLokhu. Niyabo? Ngathi, "Nkosi, Uyasazi isimo sami, futhi ngi—ngifanele ngikubone eZwini laKho. Futhi a—angiqondi. Uma uMoya oNgcwele wehlela ku*le*ndoda, uMoya oNgcwele wehlela ku*leyo*ndoda, futhi eyodwa yawo ingongcwele nenye ingumzenzisi. Futhi ngiyazi ukuthi kunjalo." Ngiyakwazi. Ngaphandle . . . Ngangingayithatha indoda ngiphume nayo futhi ngikufakazise kuyo, noma ngiyibizele phandle khona lapho futhi ngiyitshele ngakho.

59 Njengoba bengingenza kuleyondoda ihlezi khona lapha ebusuku izolo, ibingelutho kuphela umkhohlisi, uma wake wabakhona ohlezi lapho. Futhi bekufanele ngikukhiphe, kodwa ibizosukuma futhi iqale ukuqophisana. Ngakho ngavele ngakuyeka kanjalo nje, ngesizathu somhlangano, kodwa bengiyazi. Yebo, mnumzane.

Nanso eyodwa, emabili, ehlezi ngemuva khona lapho, ngobunye ubusuku, esonta kwelinye ibandla khona lapha edolobheni. Abagxeki bangempela! Ngibabonile. Kodwa, uma beningakwenza, ngaphakathi kuqala inkathazo. Sengike ngakwenza izikhathi eziningi. Ngivele ngibayeke nje. Kulungile konke. UNkulunkulu uyazi, UnguMahluleli. Ake bangibize kanye, khona-ke uyobona kwenzeka into ethize, niyabo, mdedele.

Njengedemoni, angizange ngilibize idemoni liphume. Livele lifike kimi langicela inselelo. Kuba lapho-ke uNkulunkulu

ahamba khona wasebenza, niyabo, kunjalo, futhi nibonile ukuthi kwenzekeni. Kulungile. Kodwa ngavele nje ngakuyeka. Kwenza umhlangano waba lukhuni, ngoba lowomoya wawungena ngqo ube phezu kwami ngaso sonke isikhathi, niyabo. Futhi ngakho ngavele ngaqhubeka.

60 Kodwa manje, lamadoda, angikuqondanga. Futhi kwaba seminyakeni emibili kamuva, noma emithathu, ngenkathi ngiphezulu eGreen's Mill, eIndiana, lapha, endaweni ebekelwe amavulandlela. Ngangingemuva emgedeni omdala lapho engihamba ngiyokhuleka khona. Futhi emuva lapho, ngathi, "Nkosi, angazi ukuthi kwenzekani kuleloqembu labantu. Abantu abalunge ukwedlula bonke engake-ngababona empilweni yami, futhi a—angiqondi ukuthi lokho kwenzeka kanjani ukuthi kube umoya omubi. Uma ku. . . uma ke. . . Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami. Uyazi ukuthi ngiKuthanda kangakanani nokuthi ngiKukhonze kangakanani. NoMoya ofanayo olapha, kanye nami, wawuphezu kwalabobantu. Futhi nanku Wawuphezu kwalowomfo, lapho, ofanayo nje." Ngakho angiqondanga.

61 NeNkosi yehla ngomusa waYo futhi yangibonisa. Nakhu lapho okwakukhona. Kufanele kube ngokomBhalo, kuqala. Yathi "Cosha iBhayibheli lakho." Futhi ngalicosha iBhayibheli lami. Ngithi ngalibamba leloBhayibheli imizuzu eyishumi kungekho-muntu. . . kungafiki-Zwi. Ngalinda nje imizuzwana embalwa. NgaYizwa isho futhi, "Vula kumaHeberu 6 bese uqala ukufunda." Futhi ngakwenza. Futhi sekufika ezansi lapho, lapho Elathi khona, "Imvula ifika kaningi phezu komhlabathi ukuwunisela nokuwulungisa, ukuwulimela i. . . kepha ameva namakhakhasi, okuseduze nokwaliwa, ukuphela kwawo ngukushiswa." Futhi ngakubamba khona lapho.

Ngacabanga, "Nakho. Akabongwe uNkulunkulu! Nakho." Niyabo?

62 Manje, uJesu wathi, "Kwaphuma umhlwanyeli ehlwanyela izimbewu," Akashongo na? Manje, nonke ningamaKristu lapha. Bonke baphakamise izandla zabo, empeleni, amaPentecostal, amaKristu azelwe ngokusha. Kulungile. Ba. . . Futhi Wathi, "Kwaphuma umhlwanyeli, ehlwanyela izimbewu. Futhi esalele. . ." Ukuphumula kwakhe, ukufa, phakathi nendawo. Niyabo? "Futhi esalele, isitha siyafika futhi sahlwanyela ukhula kuleyonsimu." Yini ukhula na? Ukhula, ukhula lukakolo nezinto. Manje, "Futhi kwathi umlimi (umshumayeli) ebona lolukhula lumila, wathi, 'Angihambe ngilusiphule.' Wathi, 'Qha, qha. Uzosiphula nokolo futhi. Yeka kukhule kokubili ndawonye.'"

63 Kukhona insimu kakolo phandle lapha. Kukhona izintandela, amabhola embababazane, ukhula olunuka kabi, konke okunye kuyo. Kunjalo na? Kodwa, manje, phakathi lapho kukhona ukolo. Manje, imvula ifika kaningi phezu komhlabathi,

ukuwunisela. Manje, eyani imvula na? Ayisiyo eyokunisela ibhola lembabazane. Manje qaphela futhi unake. Ayisiyo eyokunisela intandela. Imvula ithunyelelwa ukolo, kodwa ibhola lembabazane nokhula nakho kome nje njengawo ukolo. Nemvula efanayo ena phezu kukakolo inela phezu kokhula. Nokhula oludadlana luyoma luthi mpo kanjalo, futhi luthokozile lujabula, ngokulinganayo nje njengoba ukolo omncane uyoma futhi uzimele wona.

64 "Kepha niyakubazi ngezithelo zabo." Nakho lapho okhona. Niyabo? Manje, uMoya oNgcwele ofanayo ungabusisa umzenzisi. Lokho kwashaya abanye benu nina baka Arminius kwanikhipha, kodwa lelo yiQiniso. Lelo yiQiniso. Benifundiswe ubungcwele, engikholelwayo ebungcweleni, nami. Kodwa uMoya ofanayo, imvula inela abalungileyo nabangalungile, kodwa niyakubazi ngezithelo zabo.

65 Uma ngibuka ngaphandle lapha futhi ngihambe ukuyothola ukolo, ngiwuthole ukolo, kodwa ukhula lonke seluqalile. Futhi uphila ngemvula efanayo ene kukolo. Futhi imvula ayithunyelwanga ukhula, yathunyelelwa uKolo. Kodwa imvula ngokuba sensimini, ukolo u. . . ukhula lusensimini kakolo, lwazuza okuningi nje ngokufanayo emvuleni njengoba kwenza bonke abanye. Nemvula efanayo eyenza ukolo uphile, yenza ukhula luphile.

66 Zonke izinto emvelweni kufanekisa okomoya, njengoba sifundisa. Nakho-ke, ubudemoni, amademoni elingisa ubuKristu, nokho, nesibusiso. Lokho akusilo ubisi oselwengulwe ulaza, bazalwane, uma ningakuthatha. Niyabo? Niyabo? Manje, yi—yiQiniso.

67 Ngakho, angisindisiwe namhlanje ngoba ngikwazi ukumemeza. Ngisindisiwe hhayi ngoba ngizwa sengathi ngisindisiwe. Ngisindisiwe ngoba ngahlangana nezimo zikaNkulunkulu zaleliBhayibheli. UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasayi ekulahlweni, kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngiyakukholwa lokho. Kunjalo. Futhi phezu kwalezozimo ngisindisiwe, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

68 Uma engitshele ukuthi wena usindisiwe ngoba omunye umuntu ethe, "Ukuvunguza komoya onamandla kungishaye ebusweni," lokho kuyisimangaliso, kodwa ngifuna ukwazi ukuthi lokho kuvunguza komoya onamandla kuvelaphi ngaphambi kokuba kungishaye ebusweni, niyabo. Manje, nhloboni yokuphila ozoyiphila emva kokuba lokho kuvunguza komoya onamandla sekukushayile na? Niyabo? Niyabo, kungezithelo zakho owaziwa ngazo. Ngakho, amademoni angasebenza khona impela phakathi kwamaKristu. Niyakukholwa lokho na? Bukani uPawulu, uPawulu wathi . . .

69 Manje nakhu lapho iMvula yoSuku lwaMuva . . . Uma ekhona noma yimuphi wenu lapha, ningithethelele uma ngisho noma yini ephambene nani. Akukho engingaphinde ngikusho okuphambene nani kunoma bengingakusho kuma Assemblies, noma ubani, amaBaptisti, kumbe noma ubani omunye. YiQiniso eliyiQiniso. Lapho enehla khona, kwaba yilokhu: nenza abaprofethi ngalabobantu nezinto okungesibo abaprofethi. Abaprofethi abasibo aba "bekwa izandla" bese bethunywa. Abaprofethi bayazalwa. Niyabo? EBhayibhelini, kukhona *isiphiwo* sokuprofetha. Laba lapho-ke iphutha lenu, phakathi kwesiphiwo sokuprofetha nomprofethi. Isiphiwo . . .

70 "UNkulunkulu, endulo nangezindlela eziningi wakhuluma koyise ngabaprofethi, ngalolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu." NoMzimba kaKristu uneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye zisebenza kuwo. Futhi singahle sibe phezu kwa*lona* wesifazane kulobubusuku, isiprofetho, singahle singahlali kuye izinsuku zonke zokuphila kwakhe. Singahle sibe phezu kwa*lona* wesifazane ngobusuku obulandelayo. Singahle sibe phezu kwa*lona* wesilisa ngokulandelayo. Singahle sibe phezu kwa*lowo* emuva lapho, ngokulandelayo. Lokho akumenzi owesifazane abe ngumprofethi, akwenzi-muntu abe ngumprofethi. Yisiphiwo sokuprofetha kuwe.

71 Futhi ngaphambi kokuba lowo wesilisa noma lesosiprofetho sinikezwe ebandleni, sifanele sihlolwe phambi kwabahluleli bakamoya ababili noma abathathu. Kunjalo na? Ngokwalokhu, manje, uPawulu wathi, "Nonke ningaprofetha, ngamunye ngamunye." Uma kukhona okwembulwa ku*lona*, *lowo* omunye akathule. Awu, lokho kwakungenza sonke isigejane sabaprofethi ngaleyonkathi, ngokokufundisa kwanamhlanje. Qha, bandla lePentekoste, sinezinto zonke esezingamathize thize. Futhi yingalesosizathu uNkulunkulu engenakungena, size siqondise lento naphezu kweBhayibheli. Kunjalo. Ufanele uthole indlela eyiyo. Uzoyakha kanjani indlu ngaphandle kokubuka epulanini na? Niyabo? Ufanele uqale ngokuyikho.

72 Manje, phakathi lapho, umprofethi, awuzange ubone muntu ema phambi kuka Isaya, uMose. Oyedwa wama, uKora, ngelinye ilanga, futhi wazama ukuphikisana naye, futhi uNkulunkulu wathi, "Zahlukanise, Ngizovula umhlabathi." Umprofethi uyazalwa. "Iziphiwo nokubiza . . .-phandle kokuphenduka." Lokho ukwazi phakade kukaNkulunkulu, kusukela ebunganeni kwenyuke. Yonke into yayihambisana ngokufanele ngokuphelele, lokho impela akusho kwakuyiqiniso futhi kwaqinisekiswa futhi kwakhishwa. YiZwi likaNkulunkulu, liza kumprofethi. Kodwa isiphiwo sokuprofetha sisebandleni.

73 Manje wena uthe, "Awu, abaprofethi bayiTestamente eliDala." O, qha! ITestamente eliSha lalinabaprofethi.

74 UAgabu wayengu—wayengumprofethi weTestamente eliSha. Buka uMoya wokuprofetha owawehlela lapho futhi utshela uPawulu ngakho. Nangu uAgabu ehla eJerusalema, futhi wafumana uPawulu, futhi wazibopha ngoqhotho lwakhe, wayesephendukela ngale wayesethi, "ISHO KANJE INKOSI, umuntu ozibophe ngalokhu uzoboshwa ngamaketango uma efika eJerusalema." UAgabu, owasukuma futhi washo, washo kungakenzeki ukuthi kwakuzokwenzekani, wayengumprofethi, engesiyo indoda enesiphiwo sokuprofetha.

75 Nesiphiwo sokuphulukisa nazo zonke lezoziphiwo, mngane wami oyiPentekoste, ukuthole kuxovekile. Iziphiwo zisebandleni, zithobela noma yibaphi abantu ebandleni, noma ubani obhaphathizelwe eMzimbeni. "NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizelwe kuwo." NeBhayibheli lathi . . .

"Awu, nginaso isiphiwo sokuphulukisa."

76 Awu, iBhayibheli lathi, "Vumani isono senu komunye, futhi nikhulekelane." Wonke umuntu ukhulekela omunye. Asisilo iqembu elehlukene; sibuthene ndawonye, iqembu elibuthene. Niyabo?

Manje, futhi lapho asebenza kanjalo-ke amademoni ngezinye izikhathi.

77 Manje qaphela ukuthi uPawulu wathini, "Uma omunye ekhuluma ngezilimi nomunye ahumushe, futhi noma yini ayishilo, makuhlolwe ngaphambi—ngaphambi kokuba ibandla likwazi ukukwamukela."

78 Manje, ngeke kube ukucashunwa komBhalo, noma enye into enjengalokho. UNkulunkulu akaziphindi Yena. Kodwa kuyoba yisexwayiso ebandleni. Bese-ke uma umahluleli olungileyo ethi, "Asikwemukele lokho. Kulungile, bekungokweNkosi." Owesibili athi, "Asikwemukele." Umlomo wofakazi ababili noma abathathu, lonke izwi maliqiniswe. Khona-ke ibandla likwamukele futhi lihambe lisilungiselele. Uma lokho kungafezeki, okushiwo yileso, khona-ke unomoya omubi phakathi kwakho. Kunjalo. Futhi uma kwenzeka, khona-ke bonga uNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu uphakathi kwakho. Niyabo? Manje, yilapho-ke okufanele uqaphele khona futhi unake. Ngakho, ungazami ukucindezela. Ngangingeke ngizenze ngibe namehlo ansundu nginaluhlaza, niyabo, ngifanele ngeneliswe amehlo aluhlaza. Manje, yilapho-ke amademoni asebenza khona endaweni yabantu bakamoya.

79 Manje sinokuthize okujulile okuzayo lapha, futhi ngiyethemba akujulile kakhulu. Manje ngale kuSamuweli wokuQala 28, ngifuna ukufunda omunye umBhalo lapha ngaso lesisikhathi. Ngifuna nilalelisise. Futhi ngifuna ukuletha "amademoni," nginikhombise ukuthi asebenza kanjani ebandleni ngqo, nokuthi uSathane unento-mbumbulu kanjani ngayo yonke into yangempela ekhona. Manje ningabona,

ngokweBhayibheli, ukuthi amademoni afika phakathi kwamaKristu futhi ayalingisa.

80 Futhi izikhathi eziningi simemezele ukuthi abantu bangamaKristu ngenkathi bethi, "Ngikholwa uJesu Kristu." Ngani, odeveli bakholwa into efanayo, futhi bathuthumele. Leso akusiso isibonakaliso sokuthi usindisiwe. Ngobunye balobubusuku ngifuna ukungena ekukhethweni, futhi-ke nizobona ukuthi insindiso isho ukuthini. Niyabo? Akukho owawungakwenza ngayo, endaweni yokuqala, noma indawo yesibili, noma akukho lutho ongakwenza ngayo. UNkulunkulu usindisa umuntu, ngaphandle kombandela. Mfana, lokho kucwile kwajula, akuzange na? Manje, ungafanele nje ukukhiphe lokho enqubweni yakho, sisekukho. Kulungile.

81 UAbrahama wayengukuqala kokukholwa kwethu. Kunjalo na? O, uAbrahama wayenesethembiso. Futhi uNkulunkulu wambiza uAbrahama ngoba wayengumuntu omkhulu, ngiqagele na? Qha, mnumzane. Wehla evela eBabiloni, e—ezweni lamaKhaledi, emzini wase Uri, futhi uNkulunkulu wambiza futhi wenza isivumelwano saKhe naye, esingenambandela. "Ngizokusindisa. Futhi akusuwe kuphela, Abrahama, kodwa iNzalo yakho," ngokungenambandela.

82 UNkulunkulu wenza isivumelwano nomuntu, nomuntu asephule isivumelwano sakhe ngaso sonke isikhathi. Umuntu akazange asigcine isivumelwano sakhe noNkulunkulu. Umthetho awuzange ugcinwe. Abakwazanga ukugcina umthetho. UKristu wafika futhi wephula umthetho, qobo lwaKhe, ngoba umusa wase uvele ulungiselele uMsindisi. UMose walungiselela indlela yokuphunyuka, kwase-ke kuba ukuphunyuka, ngiqonde ukusho njalo, kwase-ke kuba abantu, emva kwalokho, babesalokhu befuna ukwenza okuthize. Umuntu uhlala njalo ezama ukwenza okuthize ukuba azisindise yena, kanti ungeke ukwenze. Kuyimvelo yakhe. Wathi nje angathola ukuthi wayehamba-ze, ensimini yase-Edene, wenza izibhinco ezinkulu zamaqabunga omkhiwane. Kunjalo na? Kodwa wathola ukuthi azisebenzanga. Akukho umuntu angakwenza okungakusindisa. Usindiswa uNkulunkulu, ngaphandle kombandela, kusukela phansi emnyakeni. Futhi-ke uma usindisiwe, usindisiwe.

83 Buka uAbrahama. Lapho lowomfo ayeyikho, wawelela ngale, noNkulunkulu umupha izwe lasePalastine futhi wamtshela ukuba angasuki lapho. Noma yimuphi umJuda osuka ePalastine wayehlubuka. UNkulunkulu wamtshela ukuba ahlale lapho. Uma uNkulunkulu ekutshela ukuba wenze enye into, futhi ungakwenzi, khona-ke uhlubukile. Kunjalo na? Kulungile, kufika isomiso, ukuvivinya ukholo luka Abrahama. Futhi esikhundleni sokuba uAbrahama ahlale lapho, qha, akahlalanga lapho, wasuka wabaleka, wathatha uSara futhi wahamba cishe

amamayela angamakhulu amathathu (ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi ukufika kulokho) wehlela kwelinye izwe.

84 Futhi esefike ezansi lapho, wase-ke ethola lenkosi enkulu ezansi lapho, uAbimeleki. Wayengumfo oseyinsizwa futhi wayefuna isithandwa, ngakho wafumana umka-Abrahama, uSara, futhi wathandana naye. Futhi uAbrahama wathi, "Manje, umtshele ukuthi ungudadewethu nami ngingumfowenu."

85 Ngakho lokho kwamthokozisa uAbimeleki, ngakho wathi, "Kulungile, sizovele simthathe simwezele enqabeni." Futhi ngiqagele owesifazane wazilungisa kahle, futhi wayezomshada ngosuku olulandelayo.

86 Futhi uAbimeleki wayeyindoda elungileyo, indoda enokulunga. Futhi ngalobo busuku, esalele, iNkosi yabonakala kuye futhi yathi, "Ufana nomuntu ofileyo." Yathi, "Indoda i...Owesifazane onaye phandle lapho ozomshada, uganile endodeni." Manje qaphela. "Uganile endodeni."

87 Ngani, wathi, "Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami, elungileyo, indoda engcwele. Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami. Leyondoda ingitshele ukuthi lowo bekungu 'dade' wabo. Futhi akashongo yini kimi, yena qobo lwakhe, ukuthi lowo bekungu 'mfowethu' na?"

88 Wathi, uNkulunkulu wathi, "BeNgibazi ubuqotho benhliziyo yakho, futhi yingalesosizathu ngakuvimbela ukuba ungoni kiMi. Kodwa lowo ngumprofethi waMi!" Haleluya!

89 Wayeyini na? Wahlubuka, futhi omncane, umkhohlisi onamanga. Kunjalo na? O, qha, awekho amanga amancane amhlophe. Kuphakathi kokuthi angamanga amnyama noma awasiwo amanga nhlobo. Indoda ihlezi phandle lapho ikhuluma amanga aluhlaza cwe, ithi lowo kwakungu "dade" wabo kanti kwakungumkayo, icasha obala, futhi yahlubuka.

90 Futhi nansi indoda eyayilungile imi phambi kukaNkulunkulu, futhi yathi, "Nkosi, Uyayazi inhliziyo yami."

91 "Kodwa Angizukuwuzwa umkhuleko wakho, Abimeleki kodwa mthathe...mbuyisele emuva futhi ucele owesilisa akukhulekele. Ungumprofethi waMi; Ngizomuzwa." Yebo, umhlubuki, umqambimanga, kodwa, "Lowo ngumprofethi waMi." YiQiniso lelo na? Lelo yiBhayibheli.

92 Manje, ungahambi uze uyoshona kude ngapha ngasohlangothini lukaCalvin, "Uma kuke kwaba semseni, kuhlala kusemseni," ngoba uzongena ehlazweni. Niyabo? Manje, umzuzu nje, sizothola isikhathi kuleliviki ukuba sikukhuphule lokho futhi nginikhombise ukuthi kuyileveli kanjani. Kodwa ungacabangi ukuthi ngoba nje wenze okuthize okuyiphutha ukuthi usuphele ingunaphakade. Ungumntwana kaNkulunkulu, uzalwa nguMoya kaNkulunkulu,

ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nezithelo zizozifakazela. Nakho lapho okhona.

93 Manje, silapha, sihlezi ezweni. Manje, ngifuna ukufunda lapha, ivesi 6.

> *USawule wabuza eNKOSINI, iNKOSI ayimphendulanga, na*ngephupho, *nangeUrimi, na*ngomprofethi.
>
> *Wayesethi uSawule kuzo izinceku zakhe, Ngifuneleni owesifazane onedlozi, ukuba ngiye kuye, ngibuze kuye.*

Bengingabeka okuthize endukwini khona lapha, ngokuba nje . . . "Ngifuneleni owesifazane onedlozi."

> . . . Inceku *zakhe zathi kuye, Bheka, kukhona owesifazane onedlozi eEndori.*
>
> *USawule waziguqula, wembatha* izingubo, *ezinye izingubo, wahamba*, ezimbili . . . *yena nabantu ababili, bafika kowesifazane ebusuku*: bathi, *Ngiyakunxusa*, . . . -lele *ngedlozi* lakho, *ungenyusele, engiyakumusho kuwe.*
>
> *Owesifazane wathi kuye, Bheka, uyazi ukuthi uSawule wenzeni*, uyazi, *ukuba unqumile ezweni* bonke *abanamadlozi phakathi kwabo, nabathakathi*: ngakho . . . *ungibekelani ugibe, ukuba ungibulale na?*
>
> *USawule* waphendula, *wafunga iNKOSI kuye, wathi, Kuphila kweNKOSI, awuyikwehlelwa-cala . . .*
>
> *Wayesethi owesifazane, Ngiyakukwenyusela-bani na? Wathi, Ngenyusele uSamuweli.*
>
> *Lapho owesifazane embona uSamuweli, wamemeza ngezwi elikhulu: owesifazane wakhuluma noSawule, wathi, Ungikhohliseleni na? ngokuba unguSawule.*
>
> *Inkosi yayisithi kuye, Ungesabi: ubonani na? Owesifazane wathi* ngi . . . *kuSawule, ngabona onkulunkulu bephuma emhlabathini.*
>
> *Wathi kuye, U*be*nesimo sini na? Wathi, Kukhuphuka ixhegu; limboziwe ngengubo. U*Sam- . . . (Leyo yileyongubo yomprofethi, kusobala. Niyabo?) . . . *wabona ukuthi kunguSamuweli, wa*ma *wa* . . . futhi *phansi ngobuso, wakhuleka.*
>
> *USamuweli wathi kuSawule, Unginyakaziselani, ukuba ungenyuse na? USawule waphendula, wathi, Ngihluphekile kakhulu;* ngenxa yokuthi *amaFilisti ayalwa nami, uNkulunkulu ungishiyile, akasangiphenduli, na*ngomprofethi, nangephupho: *ngalokho ngikubizele, ukuba ungazise ukuthi ngingenze-njani.*

*USamuweli wathi, Pho ubuzelani kimi, lokhu iNKOSI isisukile kuwe, yaba—yaba-yisitha sakho na?*

*INKOSI yenzile ngokwayo, njengalokho yakhuluma* ki*mi*: *iNKOSI ikwaphucile umbuso esandleni sakho, yawunika* ngisho . . . *uDavide:*

94 Manje, iningi lenu, likwejwayele lokhu. Manje sifuna ukungena ngqo, futhi Nkulunkulu sisize manje, okwemizuzwana embalwa, ukuba singene kulokhu. Manje qaphelani. Kwakukhona indoda, uSawule, owake wathathwa ngokuthi ungumprofethi, ngokuba waprofetha kanye nabaprofethi. Kunjalo, bafundisi na? Manje, lapha indoda yayisihlubukile. Kunjalo na? Kodwa khumbulani ukuthi uSamuweli wathi yayizoba kuphi, kanye naye, ngosuku olulandelayo. Wahamba kungakabi yisikhathi, niyabo. Kulungile, uma ungeke wamnaka uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokususa emhlabeni.

95 Bukani encwadini yamaKorinte lapho, ukuthi uPawulu wababeka kanjani labobantu ohlelweni. Wathi, "Kuqala-ke, ngibonga uNkulunkulu ngani, ukuthi azikho izinto ezinjalo phakathi kwenu, nokunjalo, nokuthi a—anisilele ngalutho esiphiweni sikamoya." Ebatshela ababeyikho, ngokwendawo eyiyona yona, kuKristu. Bese-ke eqala ukubethela isando kubo, ebatshela ngabashumayeli babo besifazane, nokuthi babenza kanjani, nokuthi babedla kanjani etafuleni leNkosi.

Futhi ngisho nenye indoda ihlala nomkayise ongayizali, futhi wathi kulendoda kuKristu, "Mphenduleleni kuDeveli, kuzo izimbubhiso zenyama, ukuze kusindiswe umphefumulo." Niyabo, yilokho-ke, mphenduleleni. IBhayibheli lathi, "Ngenxa yalokhu baningi phakathi kwenu abagulayo nababuthakathaka nabaningi balele," bahambe kungakabi yisikhathi ngenxa yesono. UNkulunkulu ukuthathe wakususa endleleni; isibonelo esihle ukuthi ubungumKristu, uma uthathiwe.

96 Ngakho, manje qaphelisisani phakathi lapha, uSawule wayethathwa ngokuthi wayengomunye wabaprofethi, noma phakathi kwabaprofethi, ngoba waprofetha. Futhi manje wayesehlubukile, ngoba akamlalelanga uNkulunkulu, nombuso wakhe wawephucwa ezandleni zakhe futhi wabekwa esandleni sikaDavide, uNkulunkulu ayemgcobele wona ngoSamuweli, ngesigubhu samafutha.

97 Qaphelani, manje-ke, kwakukhona izindlela ezintathu ababenazo zokuthola izinto ezivela kuNkulunkulu; eyokuqala yayi—yayingumprofethi, eyesibili kwakuyiphupho, neyesithathu kwakuyi Urimi yeThumimi. Futhi aziphendulanga. Manje, niyazi ukuthi yini umprofethi, niyazi ukuthi yini iphupho lokomoya, futhi niyazi ukuthi yayiyini iUrimi yeThumimi. Niyazi, ngelinye ilanga ngabuza i—indoda ukuthi yayithini ngeUrimi, futhi leyondoda ayikwazanga ukungitshela ukuthi

yayiyini, iUrimi yeThumimi. Kusobala, kwakunguNkulunkulu ephendula ngalokhu. Niyabo?

98 NoDeveli wenza into-mbumbulu yakho konke okwalokho; umthakathi, umprofethi wamanga nosongilazi. Niyabo?

Manje, iUrimi yeThumimi yayilenga esifubeni sika-Aroni, *lapha*, neUrimi yeThumimi yayimbozwe ngalawomatshe. Futhi babeyilengisa ethempelini. Futhi kwakuthi uma bengaqinisekile, babeya phambi kukaNkulunkulu, ukuthola impendulo, nokukhanya kwakubaneka kuleyo Urimi yeThumimi, okungukuthi, ngabe kwakuyintando kaNkulunkulu yini, noma qha. Manje, kwakuthi uma iUrimi yeThumimi ingaphenduli . . . Manje, leyo kwakuyimpendulo evela ngqo kuNkulunkulu.

Manje, iUrimi yamaThumimi yanamhlanje; umbhuli wathatha ibhola eliyitshe elikhanyisa okwengilazi, ukufanekisa Leyo; into engamanga. UNkulunkulu usebuthathwini; amandla kaNkulunkulu asebuthathwini. NoDeveli usebuthathwini, namandla akhe asebuthathwini. Futhi ngingakufakazisa ngeBhayibheli. NaleyoUrimi yeThumimi; kuphela yayiyibhola eliyitshe elikhanyisa okwengilazi uDeveli alisebenzisayo namhlanje. Nomprofethi wamanga emuva lapha namhlanje, lowo esinaye manje, waye . . . Noma, umthakathikazi, noma umbhuli ngaphandle ngaleya, wathatha indawo yomprofethi, ngasohlangothini lukaDeveli. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

99 Manje, bese-ke, iUrimi yeThumimi namhlanje yileliBhayibheli. Uma umuntu enikeze isiprofetho noma yiphupho, futhi kungaqhathaniseki noma kwenanelane neBhayibheli likaNkulunkulu, kungamanga. Ungakukholwa.

100 Indoda ifika kimi esikhathini esingeside esedlule, ivela eNdiya, lapho nje engilungiselela ukuya khona, umshumayeli omuhle omncane. Wathi, "Mfowethu Branham, ngiwelela ngapha." Wathi, "Owesifazane wayenoMoya oNgcwele, futhi," wathi, wayengowesifazane nje onomoya omuhle ukubedlula bonke, emuhle ukubedlula bonke." Wathi, "Futhi wayesegane kane, futhi wayesehlala nendoda yakhe yesine. Futhi ngathi, 'Awu, kungenzeka kanjani lokho, Nkosi na?'" Futhi ngathi, "Ngaya kuYo ngathi, 'O, udumo kuNkulunkulu!' Ngathi, 'Haleluya! Ayibongwe iNkosi!'" Nje enye yalolohlobo, uyazi. "Yathi, 'Haleluya! Ayibongwe iNkosi!'" Yathi, "INkosi ingitshelile, 'Lapha, Ngizokunika iphupho.'" Futhi yathi, "Ngaphupha umkami, ngambona ehlala ngokuphinga. Futhi ubuyela kimi wathi, 'O, uzongithethelela, Victor na? Uzongithethelela na? Angizange . . .' 'Ngani,' ngathi, 'impela, ngizokuthethelela futhi ngibuye ngikuthathe.'" Yathi, "Manje, yilokho engakwenzayo." Yathi, "Uyabo, ngiyathethelela."

101 Ngathi, "Victor, iphupho lakho lalithandeka kakhulu, kodwa uliphiwa nguDeveli."

Yathi, "Ngani?"

102 Ngathi, "Aliqhathaniseki neZwi likaNkulunkulu. Uhlala ngokuphinga. Ngokoqobo. Akakwazi ukuhlala namadoda amane. Kunjalo. Uma eshiya leyo futhi abuyele kweyakhe yokuqala, sewone ukwedlula ayeyikho ekuqaleni. Ufanele ahlale engaganile, zonke izinsuku zokuphila kwakhe." Ngathi,"Uyazi lokho akuqhathaniseki neZwi likaNkulunkulu. Ngakho eyakhe. . . Iphupho lakho lalingamanga." Ngathi, "Ngeke laqhathaniseka naLokhu."

103 Futhi kwakuthi uma umprofethi enikeze isiprofetho, futhi bakhuluma, futhi befuna ukubona ukuthi lesosiprofetho sasiqinisile yini, babesibeka phambi kweUrimi yeThumimi. Futhi uma iPhimbo likaNkulunkulu liphose ukukhanya kwiUrimi yeThumimi, khona-ke sasiwuqobo, iQiniso. Futhi uma umuntu enikeza ukuhumusha, enikeza iphupho, enikeza into ethize yeBhayibheli, futhi, noma okunye okuthize, futhi kungaqhathaniseki neBhayibheli likaNkulunkulu, kungamanga. Nanso iUrimi yeThumimi namhlanje. IZwi likaNkulunkulu liyakhuluma, futhi lokho kuyiPhimbo likaNkulunkulu ngqo, njengoba yayinjalo iUrimi yeThumimi iBhayibheli lingakalotshwa. Amen! Haleluya! Ngizizwa sengithi ukugcwala ukholo njengamanje. Ningangithathisi okohlanya, uma nikwenza. Ngiyazi. Ngiyazi ukuthi ngikuphi. Anginayo intshisekelo eyeqile. Kunjalo.

104 Nanti iQiniso, iZwi likaNkulunkulu! Angikhathali ukuthi hlobo luni lwephupho obenalo, noma hlobo luni lwesiprofetho osinikezile, uma singesilo iZwi likaNkulunkulu. Siyiphutha uma singaqhathaniseki naleloZwi. Yileyo inkathazo namhlanje. Omunye unephupho, omunye unombono, omunye unolimi, omunye unesambulo; kunento yonke esixovwe yaxovwa nakho konke, ninamahlelo futhi nachitha yonke into. Nifanele nikubuyisele esisekelweni sokugcina, futhi lelo yiZwi likaNkulunkulu. Lokho yiqiniso.

105 Amabandla akhelwe phezu koyedwa, athi, "O, uJesu uza ngehashi elimhlophe. Ngiyazi. NgiMbonile embonweni." Benza ibandla lalolohlobo. "O, haleluya! Uza ngefu." Balenza ngalolohlobo. Bayawachitha, futhi bawehlukanise, futhi babizane "ngothi lukaklebe," ne "ntwala ehlala endaweni yokulova," nakho konke okunjalo. Ngani, mfowethu, kuyakhombisa, endaweni yokuqala, inhliziyo yakho ayilungile kuNkulunkulu uma wenza lokho. Kunjalo. Singabazalwane. Sifanele sinamathelane omunye nomunye. Siyadingana omunye nomunye.

106 Manje bukani. USawule wayesehlubukile, futhi uyenyuka. Yena, uNkulunkulu, wayesefulathelise ubuso baKhe kuye.

Futhi wenyuka futhi wabuza kumprofethi. Umprofethi wahamba futhi wazama ukuprofetha, futhi uNkulunkulu wanqamula, akanganikeza-mbono. Umprofethi uyaphuma, wathi, "Angikwazi. Qha. Akazange angitshele lutho ngawe."

107 Awu, wayesethi-ke, "Nkosi, nginike iphupho." Ubusuku nobusuku, akufiki-phupho.

108 Manje-ke useya kwiUrimi yeThumimi, futhi wathi, "O Nkulunkulu! Ngibazamile abaprofethi, ngiwazamile amaphupho, manje ngisize Wena. Uzokwenza na?" Kwanqanyulwa, akukho kuKhanya okwakhanyayo nhlobo.

109 Wase-ke ephetha ngokuya kumthakathikazi, waba phansi, wazehlisa isithunzi. Futhi waya kuye, futhi wangena egaqazela lapho wase eziguqula. Nalomthakathikazi uyaphuma futhi ukhuphula umoya kaSamuweli.

110 Manje, ngiyazi ukuthi nicabangani. Abaningi bathi, "Lowo kwakungesuye uSamuweli." Kodwa iBhayibheli lathi kwakunguSamuweli, futhi kwakunguSamuweli. Kuyisimanga ukuthi ukubamba kanjani lokho, akusiso na? Kodwa lowo kwakunguSamuweli. IBhayibheli lathi kwakunguye.

111 Nalowomthakathikazi wayekwazi ukumbiza akhuphuke, futhi wambiza wakhuphuka uSamuweli. NoSamuweli wayekwenye indawo ethize, kodwa wakuzwa okwakwenzeka, futhi wayesalokhu emi nengubo yakhe yomprofethi eyembethe. Ngakho, mfowethu, uma ufa, awufile, uphila ndawo ndawo, kwenye indawo.

112 Ake ngime umzuzu nje, ukuhlaziya kancanyana lobubudemoni. Owesifazane wayeyidemoni, kodwa wayenokuxhumana okusondele nezwe lomoya. Manje, namhlanje, baningi abakhonza imimoya ngempela abazi kakhulu ngezwe lomoya kunabantu abazazi ukuthi bangamaKristu, nokho uyidemoni. Ngezikhathi zeBhayibheli kwakuyinto efanayo.

113 Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, kwakukhona labo oprofesa nezifundiswa ezinkulu nabafundisi, abanye balabo ababedlula bonke kwababekhona, bevela emakholiji angcono kunalabo esingabaveza namhlanje. Futhi engcwele, indoda eyaziwayo, babefanele babeyiwo. Uma kutholakala umLevi, wayefanele atholakale engenasici, elunge ngandlela zonke. Kepha nokho leyondoda yayingazi lutho ngoNkulunkulu kunonogwaja owayazi ngezicathulo zeqhwa. Ngenkathi uJesu efika, yehluleka ukuMqonda, futhi yabiza uJesu ngo "develi." Yathi, "UnguBelzabube, inkosi kaDeveli." Kunjalo na?

114 Futhi nakhu kufika uhlobo oluphansi kunalo lonke lwedemoni, elalikade libophe indoda ngaphandle ngaleya emathuneni, nakho konke, futhi amemeza. UDeveli qobo lwakhe wathi, "Siyazi ukuthi UnguBani. UyiNdodana kaNkulunkulu, ONgcwele." Kunjalo na? Abathakathikazi nabathakathi,

odeveli, baMqonda njengeNdodana kaNkulunkulu; kanti izifundiswa, abashumayeli basekholiji lesayense yezenkolo baMqonda ngokuthi unguBelzabube. Imuphi owayeqinisile, uDeveli noma umshumayeli na? UDeveli wayeqinisile. Futhi, mfowethu, akukaguquki kakhulu namhlanje. Abawaqondi amandla kaNkulunkulu.

115 Akunandaba ukuthi unokufundisa okuningi kangakanani, ungakushayisa okwesigubhu lokho kuwe. UNkulunkulu akekho emagameni amakhulu. UNkulunkulu usenhliziyweni eqotho. Ungahle ume lapha, ukhulume amagama amakhulu, angazi ukuthi njengani, lokho akukulethi kukusondeze eduze kukaNkulunkulu. Ungama futhi ulingise ukuthi ungayiphindaphinda kanjani intshumayelo yakho futhi usho lezizinto, lokho akukusondezi eduze kukaNkulunkulu. Ungafunda isichazamazwi uze ulale naso, futhi kusayolokhu kungakakusondezi eduze kukaNkulunkulu. Ethobekileyo, inhliziyo ezinikele, ekuzibekeni phansi, yilokho okukuletha kuNkulunkulu. Futhi yiqiniso lelo Amen! Inhliziyo ethobekileyo, uNkulunkulu uyayithanda. Manje, akunandaba noma ungabazi oABC bakho, lokho akwenzi mehluko. Inhliziyo ethobekileyo nje! UNkulunkulu uhlala enhliziyweni ethobekileyo; hhayi emfundweni, akukho ezikoleni, akukho esayenseni yezenkolo, amakholiji, akukho kuzozonke lezi ezinye izindawo ezehlukene; akukho emagameni amakhulu, noma akukho ezindaweni ezigqamile. UNkulunkulu uhlala enhliziyweni yomuntu. Futhi indlela ongazehlisa ngayo wena, uzibeke phansi kakhulu, ungaba-mkhulu ebusweni bukaNkulunkulu.

116 Ake ngininike okuthize. Ngiyabona amasimu enu agcwele ukolo phandle lapha. Isihloko esigcwele ukolo sikhothama njalo. Izinduku ezindadlana ezingamahlumela phezulu lapho, futhi ziphephezela sengathi kwazi konke, akunakho ekhanda. Kungaleyondlela kwabaningi balaba abafo abacabanga ukuthi banokuningi kakhulu ekhanda labo, futhi akukho lutho enhliziyweni yabo. Kumbe, ikhanda elingcwele liyokhothamela Amandla, limqonde uJesu Kristu njengeNdodana kaNkulunkulu, futhi likholwe imisebenzi yaKhe.

117 "Futhi Unguye, izolo." O, bayaMqonda, impela, ngokwephuzu lomlando. Kodwa akusiyo into yomlando. Abantu bayasukuma bathi, "O, ngiyalikholwa iPentekoste, ngenkathi benokukhulu ukuthululelwa nezinto ezifana nalokho," futhi bapenda umlilo. Indoda ebulawa amakhaza ingeke yafudunyezwa umlilo opendiwe. Umlilo opendiwe awufudumalisi. Yilokho ababeyikho. Kuyini namhlanje, uma Enguye izolo, namuhla naphakade na? Lowo ngumlilo opendiwe. Omunye umfo obulawa amakhaza, athi, "Awubheke lowayamlilo omkhulu ababenawo." Ngani, lokho akukufudumezi.

118 Abakwenza ePentekoste, ababenakho eTestamenteni lasekuqaleni, sinakho namhlanje! Futhi kothi nje uNkulunkulu angathola ukuthi into isilungisiwe, neBandla lihlale ndawonye, uHlwitho luyofika. Kodwa asikwazi ngisho ukuthola ukukholwa kokuphulukisa kukaNkulunkulu, kungasaphathwa uHlwitho, ngoba sonke sisontekile, omunye *kanje* nomunye *kanjalo*. "NoDokotela u*S'bani-bani* wathi Laliyi*lokhu*. Awu, umshumayeli wami wathi WayeyiLokhu."

119 Esikhashaneni esedlule, owesifazane wathi, "Ungumkhohlisi nje." Wathi, "Umpristi wami wangitshela kanjalo." Ngifisa sengathi umpristi wakhe ubengehlela lapha kanye, besizobona ukuthi ubani owayengumkhohlisi. Yebo. Sizobona ukuthi ubani umkhohlisi. Eze akuzame.

120 Lapha esikhathini esingeside esedlule, eHarlingen, eTexas, sasinenkonzo lapho. Futhi babenezimpawu ezinkulu, yonke indawo nangaphandle ezimotweni ngalobo busuku ngenkathi ngiwelela lapho, bathi i FBI yezobunhloli yayilapho ukuba izongidalula ngokuthi ngiwumkhohlisi. Ngakho intombazanyana yayiphulukisiwe enhla eTexas lapho ndawondawo. Yayisenhla le, futhi, ngi—ngiqagele, cishe lapha emamayeleni ayinkulungwane, enhla le ngasePanhandle. Futhi lokhu kwakusezansi le eHarlingen, ezansi emnceleni. UMfowethu Baxter wafika, wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "akaze usibone isinyokotho esingaka ezansi lapho, cishe abantu abayizinkulungwane ezine noma ezinhlanu." Futhi wathi, "Bese-ke, yonke indawo, iFBI yezobunhloli izokubamba emsamo kulobubusuku, futhi ikudalule."

Ngathi, "Awu, ngijabula ngempela ngalokho."

121 Wathi, "Uyayazi leyantombazanyana eyaphulukiswa ngobunye ubusuku na?"

122 Ngangiya ekhaya ngivela . . . ngiyongena ekamelweni lami. Ngezwa into ethize ikhala, futhi ngaqalaza. Ngacabanga ukuthi mhlawumbe ukhona obehlaselwe. Kwakuyintombazane. Futhi ngabheka ngemuva. Ngathi . . . Futhi ngabuyela emuva, ngathi, "Kwenzenjani, Nkosazana na?" Futhi kwakungamantombazanyana amabili emi lapho, cishe eneshumi nesikhombisa, eneshumi nesishiyagalombili leminyaka ubudala, ngayinye, egaxene, ekhala.

123 Athi, "Mfowethu Branham!" Ngazi-ke ukuthi ayengazi. Athi, "Thina, ngiyilethe lapha isuka le ezansi lapha." Yathi, "Izoya esikoleni esikhulu sezinhlanya." Futhi intombazanyana yayisemhlanganweni wami enhla eLubbock, eTexas. Futhi yathi, "Ngazile ukuthi uma ngingake ngiyehlisele lapha futhi uyenzele umkhuleko, ngiyakholwa uNkulunkulu angayiphulukisa."

124 Awu, ngacabanga, "Ukukholwa okunje pho!" Futhi ngathi, "Awu, manje, dadewethu, ungayitholela . . . " Futhi

ngaleyonkathi nje ngathi, "Nehla lapha emotweni empofu egibela abantu ababili, anizange na?"

Yathi, "Yebo!"

Ngase ngithi, "Unyoko uyisiguli."

Yathi, "Kunjalo."

Ngathi, "Nisonta ebandleni lamaMethodisti."

Yathi, "Lelo yiqiniso ngempela."

125 Futhi ngathi, "Ngomgwaqo ezansi, cishe naginqika. Wena nalentombazane benihleka ngesikhathi nifika ngalapho kugandaywe kwaba uhhafu kakhonkolo nohhafu wetiyela, futhi benijika ejikeni."

Yathi, "Mfowethu Branham, yiqiniso lelo!"

Ngathi, "Futhi, ISHO KANJE INKOSI, intombazane isiphulukisiwe."

126 Ngosuku olulandelayo yayishisa idolobha, itshela wonke umuntu, ihamba izungeleza ngakho. Kusobala, babengayazi lapho, ukuthi yake yaba kulesosimo noma qha. Kwase kuthi-ke ngalolosuku nga . . . UMfowethu Baxter wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "lawomantombazane asezansi lapho apakisha amasutukesi awo." Futhi lokhu yinto eyodwa angayazanga ukuthi ngangazi. Isimo sezimali sethu sasehle kakhulu. Angimvumelanga akhulume ngakho. Kodwa enye yalawomantombazane yayifake amadola angamakhulu ayisishiyagalolunye kulowo—kulowomnikelo ebusukwini bangayizolo ngaphambi kwalokho, futhi yasikhuphula sayohlala phezulu lesosimo sezimali. Manje, akazange, akakwazi kuze kube yilolusuku, kodwa ngangikwazi. Niyabo? Ukuthi ngi . . . UNkulunkulu wangitshela ukuthi kuzolunga.

127 Futhi uMfowethu Baxter wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "kungcono ungivumele ngithi ukudonsa kancane." Wathi, bebenabanye lapha balaba abaphulukisa ngokukaNkulunkulu ezansi lapha nje odonse lababantu."

128 Ngathi, "Lutho. Qha, mnumzane. Ungeke ukwenze. Mfowethu Baxter, uma udonsa imali kanjalo, yilesosikhathi lapho wena nami nje sixhawulana khona njengabafowethu, ngizohamba ngedwa. Niyabo?" Ngathi, "Ungakwenzi lokho." Ngathi, "UNkulunkulu unezinkomo emagqumeni ayinkulungwane, futhi konke kungokwaKhe. Nami ngingowaKhe. Uzonginakekela."

Wathi, "Kulungile."

129 Futhi ngabo lobobusuku wathi, "Mfowethu Branham, awubheke lapha. Kukhona o . . . Awubheke lapha! Nansi imvilophi phakathi lapha, akukho-gama kuyo, inamabhili amadola angamakhulu ayisishiyagalolunye kuyo. Yona impela esidinga ukuyikhesha."

Ngathi, "Mfowethu Baxater."

Wathi, "Ngithethelele."

130 Ngakho-ke ngazi ukuthi kwakuyileyontombazane. Ngakho-ke—ngakho-ke ngakusasa, uMfowethu Baxter wathi, "Mfowethu Branham, asezansi lapho apakisha amasutukesi awo, ekhala."

Ngathi, "Kwenzenjani na?"

Wathi, "Kungcono wehle uwabone."

131 Ngehla ngaya ekamelweni aye kulo. Ngathi, "Akuliphi ikamelo na?" Ngehlela lapho ngangqongqotha emnyango. Ngawezwa ekhala. Ngangqongqotha emnyango, nentombazane yeza emnyango, yathi, "O, Mfowethu Branham, ngiyaxolisa kakhulu." Yathi, "Sengikubangele yonke lenkathazo."

Ngathi, "Inkathazo? Kwenzenjani, dadewethu na?"

Yathi, "O, ngineFBI yezobunhloli ekulandelayo."

Ngase ngithi, "O, kunjalo na?"

132 Yathi, "Yebo." Yathi, "Ngibona ukuthi ngifakaze kakhulu ngizungeleza idolobha namhlanje, nakho konke."

Ngathi, "Qha."

133 Yayisithi, "Mfowethu Branham, iFBI yezobunhloli ilaphaya, ilaphaya, izokudalula kulobubusuku."

134 Ngathi, "Awu, uma ngi—uma ngenza noma yini engalungile, ngidinga ukudalulwa. Niyabo?" Ngathi, "Impela. Uma ukushumayela iVangeli kudinga ukudalulwa, awu, asikwenze. Niyabo?" Ngathi, "Ngi—ngi—ngiphila ngaleliBhayibheli, futhi leliBhayibheli lokho elingakusho . . . Lesi yisivikelo sami, khona lapha. Niyabo?" Futhi ngathi, futhi u . . .

Yathi, "Awu," yathi, "Nje ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokho engikwenzile."

Ngathi, "Awuzange wenze lutho, dadewethu."

Yathi, "Awu, awesabi ukuya laphaya na?"

Futhi ngathi, "Qha."

Yathi, "Awu, iFBI yezobunhloli ilapho."

135 Ngathi, "Awu, sengike ngaba nabo befika emhlanganweni wami ngaphambili futhi basindiswa." Ngathi, "UMnu. Al Ferrar . . ."

136 Ukapteni Al Ferrar, abaningi benu bayazi ngokuphenduka kwakhe enhla lapho eTacoma, eWashington, wasindiswa, khona ezansi endaweni yokudubulela. Efika emhlanganweni, wathi, "Sengiyilandele iminyaka emibili lendoda. Futhi ngezwa ngezezimali, futhi bengiziqaphelile, futhi ngadlula kuzozonke izindawo." Futhi wathi, "KuyiQiniso, anilele lona uhlanya kulobubusuku, nilalele iQiniso." Wathi, "Enye yendoda embuthweni wezamaphoyisa, engathi udokotela

akabheke umntwana wayo futhi yamthumela emgqeni womkhuleko," futhi wathi, umntwana watshelwa khona impela nje okwakungalungile kukho, nokuthi kwakwenzekeni kukho. Futhi wathi, 'Ezinsukwini eziyisishiyagalombili kuzobuyela esikoleni, kuphethwe yipholiyo.'" Futhi wathi, "Ngosuku lwesishiyagalombili ingane yabuyela esikoleni." Wathi, "Sengiyilandele iminyaka emibili," phambi kwabantu abayizinkulungwane eziyishumi. Lapho konke ku . . . Sikhona isithombe sakho, umhlangano waseSeattle, e—encwadini yakho. Wathi, "Ngifuna nonke nazi ukuthi anilalele yona inkolo enguwaka. Nilalele iQiniso." Ukapteni Al Ferrar. Futhi ngakusasa ngamholela kuNkulunkulu, futhi wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, endaweni yokudubulela, ezansi endaweni enkulu lapho.

Ngathi, "Mhlawumbe lomfo uzokwenza into efanayo."

Ngakho yathi, "Uyesaba ukuya laphaya na?"

137 Ngathi, "Ngesabe? Ngani, impela qha. Impela qha. Kufanele ngesabeleni ngoba ngithunywe nguNkulunkulu ukuba ngikwenze na? NguYe olwa impi, hhayi mina." Ngakho ngathi, "Manje, ngifuna nonke nidede." Futhi ngakho . . .

138 Sawela saya emhlanganweni ngalobo busuku, indawo yayigcwele phama. Nomgcini lapho waphuma, wathi, "Mfundisi Branham, ngiqashe abantwana abayishumi baseMexico." Wathi, "Awubheke lapha, 'UMfundisi uBranham ukuba adalulwe kulobubusuku yiFBI yezobunhloli, usonkolo owuhlanya,'" noma enye into efana naleyo. Futhi wathi, "Kukuzo zonke lezomoto. Khipha . . . " Wathi, "Ngiqashe abantwanyana abayishumi baseMexico, bazokukhipha konke bakubeke phezulu lapha." Wathi, "O, ngifisa sengathi bengingamthola lowomfo!"

139 Ngathi, "Ungakhathazeki, mnumzane. UNkulunkulu uzomthola, niyabo." Ngathi, "Myeke nje kanjalo."

140 Ngakho wawela weza. Futhi ngalobobusuku ngenkathi singena, angisoze ngakukhohlwa, sangena ekamelweni. Nga . . . UMFowethu Baxter wacula u*Kholwa Kuphela*. Wathi, "Manje, uMfowethu Branham uthi kulobubusuku asiphume endlini." Wathi, "Ngibuyela emuva ekugcineni ngemuva ngihlale phansi." Wathi, "Balungiselela ukumdalula kulobubusuku lapha emsamo." Wathi, "Ngimbonile ezimpini eziningi ezinzima, futhi ngambona uNkulunkulu ethatha indawo yakhe." Wathi, "Ngi—ngizobuyela emuva nje ngihlale phansi."

141 Ngenyuka. Ngathi, "Bengisanda kufunda udatshana oluncane lapha ukuthi kulapho ebengizodalulwa khona kulobubusuku emsamo lapha." Ngathi, "Ngifuna iziphatheli zeFBI yezobunhloli manje ukuba zize ngaphambili futhi zingidalule phezulu lapha emsamo." Ngathi, "Ngimi lapha ekuvikeleni iVangeli; ngifuna nize ningidalule." Ngalinda. Ngathi, "Mhlawumbe abakabikho lapha." Ngangazi ukuthi

ngangikuphi. Wayesevele engikhombisile ekamelweni lami phezulu ngaleya, ukuthi kwakuzokwenzekani, ngaphambi kokuba ngisuke, niyabo. Futhi ngathi, ngathi, "Mhlawumbe ngizothi ukulinda kancanyana nje. Singahuba ihubo na?" Futhi othize wenyuka wacula iculo eyedwa.

142 Ngathi, "Mphatheli onguMnu. weFBI yezobunhloli, ungaphakathi noma ungaphandle na? Ngilindele ukudalulwa. Ungeza ngaphambili na?" Akuzi-muntu. Ngangilokhu ngimangele ukuthi kwakukuphi. INkosi yangitshela ukuthi lokho kwakuyini. Kwakungabashumayeli ababili ababehlubukile, futhi nga—ngangiqaphele. Ngasibona isithunzi esimnyama silenga ekhoneni. Ngazi ukuthi kwakukuphi. Ngabheka laphaya, futhi sahamba saqonda phezulu futhi sakhuphuka sayongena esitezi sasehholo kanje. Indoda egqoke isudi eblu, eyodwa igqoke egreyi.

143 Ngathi, "Bangane, akukho-FBI yezobunhloli. Ihlangene nani iFBI yezobunhloli nokushumayela iBhayibheli na?" Ngathi, "Impela qha. Kwakungekho-baphatheli ababili beFBI yezobunhloli eyayizongidalula. Kodwa, nakhu ukudalulwa, nampo bahlezi khona phezulu laphaya, labobashumayeli ababili khona laphaya." Futhi behla. Ngathi, "Ningehli kanjalo." Futhi ababili abakhulu balabo baseTexas babezokwenyukela lapho futhi babadumele bababambe. Ngathi, "Qha, bazalwane, lena akusiyo indaba yenyama negazi, hlalani nithule nje. UNkulunkulu uzobhekana nakho lokho."

144 Ngathi, "Manje, bazalwane, bukani, nisephezulu lapho, bhekani ngapha." Ngathi, "Uma . . . Nithe nganginguSimoni isanuse, phansi kobuthakathi, bengithakatha abantu." Ngathi, "Uma nginguSimoni isanuse, kusho ukuthi-ke nina niyindoda kaNkulunkulu. Manje yehlani nize kulomsamo. Futhi uma nginguSimoni isanuse, uNkulunkulu akangishaye ngife. Futhi uma ngingumprofethi kaNkulunkulu, yehlani nidedele uNkulunkulu anishaye nife. Manje sizobona ukuthi ubani oqinisile noqamba amanga. Manje yehlani. Sizohuba ihubo." Nampaya bephuma endlini behamba, futhi asikaze sibabone kusukela lapho. Niyabo? Ngathi, "Wozani. Uma nginguSimoni isanuse, uNkulunkulu akangishaye ngife. Futhi uma ngingumprofethi kaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu uzonishaya nife uma niza kulomsamo. Uma ngiyiqiniso phambi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu uzonidedela nife kulomsamo." Babazi kangcono. Kunjalo. Babazi kangcono. Babezwile kwezinye izindawo. Kunjalo. Ngakho ungalokothi ucabange ngaphandle kokuthi uNkulunkulu usenguye uNkulunkulu. Uyaphendula.

145 Manje, lomthakathikazi waseEndori, wakhuphula umoya kaSamuweli. NoSawule wakhuluma noSamuweli. Manje, ningahle nimangale ukuthi lokho kungenziwa kanjani. Ngeke kwenziwa namhlanje. Qha, mnumzane. Ngoba, igazi lezinkomo

nelezimbuzi lalingukulindela kuphela isikhathi sokugcwaliswa. Uma umuntu efile ngalezozinsuku . . . Bashumayeli, ngesekeleni uma nicabanga ukuthi lokho kuqinisile. Uma umuntu efile, wayefa ngaphansi kokubuyisana ngesilwane, nomphefumulo wakhe wawuya eParadesi. Futhi lapho wahlala kwaze kwaba yilokho, kwaba wu—kwaba wuSuku lokuHlengwa. Nomphefumulo wakhe wawuphakathi lapho.

146 Ake nginidwebele isithombe esincane lapha. Bangaki abafunda indatshana yami, noma indatshana abayibhala ngami kwi*Reader's Digest* lapha, cishe kwekaOktoba, ephuma ngoNovemba na? Kulungile. Naqaphela ukuthi lokho kwakunjani na? Naqaphela, cishe emavikini amabili noma amathathu ngaphambi kwalokho, lo oyisangoma esidume kakhulu lapha obelokhu ezanywa kusukela kudala, yena, uNkosazana Pepper. Ukhona osewake wakufunda lokho, Indaba kaNkosazana Pepper kwi*Reader's Digest* na? Akumangalisi ukuthi ikanjani leyomimoya emibili . . .

147 Nginesikhathi esiningi kangakanani enginaso na? Asikho sincane nje. Amashumi amabili esengiwedlule, nje ngizofanele ngisheshe. Ngiyazi nine . . . Bukani, ngiyaxolisa umzuzu.

148 Niyazi, kukhona—kukhona amanga. Kukhona iqiniso namanga ayo yonke into. Uma ngikupha idola, futhi ngithi, "Yidola ngempela leli na?" Futhi ulibuke, lingafanele libukeke lithi alifane kancane impela nedola langempela kungenjalo ubungeke ulikholwe. Kunjalo na? Ngakho lizofanele ngempela libe ngelangempela-mbumbulu.

149 Futhi uma uJesu athi imimoya emibili ezinsukwini zokugcina iyosondelana kakhulu iyoze idukise nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka, abantu abakholwayo. Manje khumbulani. Manje, akukho lutho ngaphandle lapho kulawo amadala aco- . . . fo- . . . abandayo, agcina umthetho ngamehlo nje. Ngaphandle banesimo nje sokumesaba unkulunkulu, niyabo. Kodwa lemimoya emibili, imimoya yangempela, iyosondelana kakhulu iyoze idukise nabaKhethiweyo impela, yayisebenza kanjani ngokulinganisana ezinsukwini zokugcina. UJesu wakusho lokho na? Wakusho.

150 Manje qaphelani, bangane, ngizonidwebela isithombe esincane. Ngifuna nibuke lapha umzuzu nje. Futhi ninginake, ngoba ngizoninika umfanekiso, khona-ke nizokubona.

151 Manje, kwi*Readers' Digest*, yabhala phezulu lapho, ngangimi phandle lapho, sasinabantu abangamakhulu angamashumi amabili-nesikhombisa belindele ukuthola ukukhulekelwa, bemi phandle lapho. Nayifunda indatshana. Futhi indoda yehla eCanada, futhi yayinomfanyana owayekade ekwaMayo noJohn Hopkins, isifo esinzima sobuchopho esagoqanisa izandlana zakhe *kanje*, sagoqanisa nemilenze

yakho yenyuka phansi kwakho. Futhi bathi, "Akukho ngisho ukuhlinzwa kumbe lutho olungenziwa."

152 Ngakho wakuthatha wakubuyisela eCanada. Wathi, "Angikabhaxabulwa nokho." Ninayo kweyaphuma ngoNovemba i*Reader's Digest*, futhi ibizwa ngokuthi i—i—*Isimangaliso sikaDonny Morton*. Futhi—futhi yasho ukuthi i, phakathi lapho, ukuthi i—ukuthi indoda yathi, "Angikabhaxabulwa nokho, ngoba ngiyamazi ophulukisa ngokukholwa obizwa ngoWilliam Branham, owenza ukuba ababili babangane bami owayeyisithulu nesimungulu ukuba akhulume nokuthi ezwe."

153 Futhi bashaya ucingo ukuzama ukuthola ukuthi ngangikuphi, e—eMelika nokho. Futhi ngangingale eCosta Mesa, eCalifornia. Futhi kuyindatshana, uma uyifunda, kuthi khala manje. Iyovele ikudabukise. Ukuthi yayidabula kanjani lapho okulele khona iqhwa, nakho konke okunye, inaleyongane! Yathi, "Qaphela, Donny." Yathi, "Manje, asehluliwe." Nomfanyana wayengakwazi ngisho ukumamatheka, kunzima, wayehlupheke kakhulu. Yathi, "Asehluliwe, sizocela uNkulunkulu. Sizoya kumprofethi kaNkulunkulu simcele."

154 Ngakho-ke beza bedabula eqhweni. Futhi baze bathi ekugcineni bafika ezansi lapho, nomama wayezoza nabo, futhi babengenayo imali eyenele ukuhamba ngebhanoyi, ngakho unina bambuyisela emuva. Futhi umfana noyise bafanele bahambe ngebhasi, nokuthi bagibela kanjani besuka le eWinnipeg, eCanada, beya eCosta Mesa, eCalifornia. Futhi bangena phakathi lapho, bedabukile, nobaba uxoxa ngokuthi badingeka bakushintshe amanabukeni amancane, umfanyana owayeneminyaka cishe eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala, nje engenakuzisiza nhlobo. Nokuthi wayeyaye a... nokuthi lutho ukuba athole ithuba lokuthi adle, futhi wathi umfanyana wakhe wayemuzwa exoxa nje. Futhi esho ukuthi amehlo akhe ayebukeka enjani, ukuthi waye—wayezama ukumamatheka, uyazi. Futhi azi ukuthi u... Wayemtshela okubukwabukwayo okwehlukene ayekubona, phesheya eMelika.

155 Futhi ngenkathi sebengena lapho, eCalifornia, basho kosiza izihambi, ukuthi uzobonani. Wathi, "Uzobona owenzani ngokukaNkulunkulu?" Nolukhulu uphawu lombuzo.

156 Kusobala, ungacabanga nje ukuthi iMelika yathini ngakho, niyabo. Niyabo, yithi labo, niyabo, "Sihlakaniphe kakhulu! Sazi konke, uyazi, futhi akukho-sidingo sokusitshela noma yini. Sinakho konke kubhalwe phansi." Niyabo?

157 Ngakho-ke, ngakho, "Owenzani ngokukaNkulunkulu? Usuka le eWinnipeg, eCanada?" Ngani, babecabanga ukuthi lokho kwakukubi kabi.

158 Nokho, iphephandaba laphesha i—imoto futhi layithumela ngaphesheya lapho. Futhi yathi, kwathi uma befika emgqeni, lapho okwakukhona, wathi abantu abangamashumi amabili-nesikhombisa ayelindele ukukhulekelwa. Kodwa yathi, ngenkathi bebona lowo okhubazekile, umfanyana obukeka emncane, nalowobaba bandla efake ikepisi lakhe, ibhantshi lakhe elimanikiniki, yathi wonke umuntu wabuyela eceleni bamnikeza indawo. Lapho esefika emsamo . . .

159 Kuphambene nemigomo ukushintshanisa ngekhadi lokukhulekelwa. Umuntu kufanele eze emhlanganweni uzitholele elakho ikhadi. Uma uke wabanjwa emgqeni, ushintshanisa ngamakhadi nomunye umuntu, ikhadi lokukhulekelwa liyenqatshwa. Niyabo? Ngoba ufanele uze uzwe iziyalo futhi wazi ukuthi lemukelwa kanjani. Kukuwe. Ngeke ulitholele omunye umuntu. Ufanele uze uzithathele wena, ukuze uzwe. Omunye umuntu omkhulu wathi, "Uma . . . Awu, angikholelwa kakhulu kulento. Kodwa, mhlawumbe uma Ezongiphulukisa, ngi . . ." Niyabo? Bese-ke lokho kubangela ukuqophisana emsamo, ngakho bavele bayikhiphe leyonto ingakafiki lapho.

160 Ngakho ngenkathi umfana eqala, noma ubaba eqala ukuya emsamo, ngaphambi kwabantu, uBilly wambuza ikhadi lakhe lokukhulekelwa. Wayengenalo. Wathi, "Ngiyaxolisa-ke, mnumzane." Wathi, "Uzofanele ulinde."

161 Yathi, "Kulungile." Yathi, "Ngizolinda." Yathi, "Kuzoze kufike isikhathi sami nje njengabanye, ngalesosikhathi." Yathi, "Bengingazi ukuthi kufanele ngenze lokhu."

162 Futhi ngakho ngangikhuluma nomunye, kwenzeka ngakuzwa. Ngambona lowobaba ehamba, ngase ngithi, "Bekwenzenjani na?"

Wathi, "Ubengenalo ikhadi lokukhulekelwa."

Futhi Into ethize yathi kimi, "Mbuyise."

163 Ngakho ngathi, "Mlethe lapha." Nobaba wenyuka, nezinyembezi zehla ebusweni bakhe, edinga ukushefa. Futhi wahamba wenyuka, futhi kulapha i*Reader's Digest* yakusho. Niyabo? Angibuzanga-mibuzo, kodwa ngabuka ngqo ubuso bengane, ngasho ukuthi ingane yayivelaphi, yayikade iseKliniki yakwaMayo, nakho konke okwakumayelana nakho, nokuthi bekugula kanjani, nakho konke.

164 Futhi ngakho ubaba waqala ukukhala, futhi waqala ukuhamba. Futhi yathi yaqala ukwehla emsamo, futhi yaphenduka, yathi, "Kunjalo, mnumzane." Yathi, "Kodwa ingane yami iyoke iphile na?"

165 Ngathi, "Lokho ngeke ngakusho." Ngathi, "Kancane nje." Ngabona umbono uqhamuka. Ngathi, "Ungeke ufune ukukukholwa lokhu, ngoba abakwaMayo noHopkins bobabili

bathi ukuhlinzwa ngeke kwenziwa kulobobuchopho, kodwa ngizokutshela ukuthi yenzani. Wena, kusasa, vele uqhubeke nalengane. Phakathi kwezinsuku ezintathu ezizayo uzohlangana nowesifazane onekhanda elimnyama emgwaqeni, nalowo wesifazane uzokubuza ukuthi kwenzenjani kuleyongane. Futhi-ke uzokutshela ngodokotela othize omncane wasemaphandleni ngaphandle lapha ongakwenza lokho kuhlinzwa, futhi ungeke ufune ukukukholwa, ngoba lowo wakwaMayo ukwenqabile futhi wathi, 'Kwakungenakwenzeka ukuthi kwenziwe.' Kodwa yilona-thuba kuphela ingane yakho enalo, ngamandla kaNkulunkulu, umusa kaNkulunkulu nalokho kuhlinzwa. Manje, uma ungikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, hamba wenze njengoba ngikutshela." Njengokubeka imikhiwane phezu kukaHezekiya, nokunjalo.

Yathi, yaphenduka yase ithi, "Ngiyabonga." Yasuka yahamba.

166 Izinsuku ezimbili noma ezingaphezulu zasezedlule, futhi yayisezansi emgwaqeni ngelinye ilanga, nenekazi lenyuka, lathi, "Kwenzenjani enganeni yakho na?"

167 Yathi, "Kune—nesifo sobuchopho." Futhi yayiqhubeka ikhuluma kanjalo. Futhi, awu, babecabanga ukuthi kwakukubi kabi, uyazi.

168 Ngakho yathi emizuzwini embalwa nje kwabakhona okwenzekayo. Owesifazane wathi, "Mnumzane, ukhona engimaziyo ongakwenza lokho kuhlinzwa."

169 Yathi, "Nenekazi, buka, iZelamani zakwaMayo zikudelile futhi zathi ngeke kwenziwe." Yathi, indoda enhla lapha ibikukhulekela, ethiwa uMfowethu Branham." Yathi "Uyenzele umkhuleko ingane." Wathi, "Awulinde kancane! Onekhanda elimnyama, egqoke isudu yebhantshi eligreyi." Yathi, "Wuye lowo." Yathi, "Uphi lowodokotela na?" Futhi wayitshela. Yamthatha yamkhuphulela lapho nodokotela wakwenza ukuhlinzwa, ingane yaphila.

170 Manje, lokho kuphuma kwi*Reader's Digest*, niyabo. NeZelamani zakwaMayo zangibiza zangingenisa ukuba sizoba nengxoxiswano yalokho. Zathi, "Mfu. Branahm, wenzeni enganeni na?"

171 Ngathi, "Lutho. Angizange ngikuthinte. Ngisho kuphela lokho uNkulunkulu athe angikutshele khona. Indoda yakulalela."

172 Manje, into eyinqaba ngakho, cishe emavikini amabili emva kwalokho, noma amaviki amabili ngaphambi kwalokho, noma amathathu, kwi*Reader's Digest*, mhlawumbe inyanga ngaphambili, indatshana kaNkosazana Pepper yavela. Manje, ungumthakathikazi wangempela, noma isangoma. Manje, manje sikhona esangempela, futhi kukhona omunye olingisayo. Babenalowo wesifazane kusukela ngo 1897.

Usengaphezu kwekhulu leminyaka ubudala manje, eNew York, bobabili beyizithulu njengesigxobo. I*Reader's Digest*, thola. . .Ngicabanga ukuthi iphuma cishe ezinyangeni ezimbili noma inyanga phambi kweyami; futhi ungayithola, ekuqaleni kwesikhathi sasekwindla. UMnu. Baxter wayenayo lapha ngelinye ilanga. Ukuba ngangicabangile ngayo, ngangiyothi aka. . .noma ngazi ukuthi ngangizokusho lokhu, ngangi—ngangiyoba nayo. Nginganitholela yona. Futhi ivela emakhasini ayishumi nesine. Wayengunkosikazi wasekhaya nje ojwayelekile. Futhi wehlelwa yisiyezi ngelinye ilanga, esezwa ubuhlungu, futhi waqala ukukhuluma nabafileyo. Futhi sebeke babanaye lowo wesifazane umhlaba wonke, ndawo zonke. Bamthatha bamusa eNgilandi. Bashintsha ngisho nezingubo zakhe, izikhathi eziningi, futhi babone ukuthi kwakungekho yini ukwedusa nezinto, futhi wafika ngale futhi bafihla omunye ngesifihlabuso ebusweni bakhe, umGreki, futhi owesilisa wenza sengathi wayeyiNgisi. Futhi wamtshela konke ngakho. Futhi wa—wa—wayefuna ukubiza omunye wophathini bakhe owayesefile.

173 Manje, into kuphela a. . .Emhlabeni wonke jikelele, futhi nansi i*Reader's Digest* yasho lapho, lapha ebusukwini obumbalwa obedlule, noma ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, enye yalezozinto yadalulwa. Enye yamadoda yayizoqabula isandla esifana nesipoki sikanina, futhi ngosuku olulandelayo kwafakazeka enkantolo yamaphoyisa ukuthi yaqabula kuphela indwangu yokusonga ushizi. Iningi labantu lilingisa isangoma! Kuphela bayilaba abafundayo abahlala phandle eceleni komgwaqo, abangesizo izangoma ekuqaleni. Abayilutho kuphela bangabalingisi-mbumbulu. Kodwa sikhona isangoma sangempela.

174 Nathi bantu benkolo, sinenqwaba yabalingisi macala omabili. Manje hlalani nithule imizuzu embalwa.

175 Manje qaphelani, lowoNkosazana Pepper uyisangoma sangempela. Futhi iphephabhuku lathi, "Nansi into eyodwa okungaqinisekiswa ngayo, ukuthi, uma umuntu efa, akafile. Uhlala ndawo ndawo, ngoba lowo wesifazane uyayibiza imimoya yabo ibuye futhi akhulume nabantu."

176 "Manje, wenzani, Mfowethu Branham na? Uyakukholwa na?" Yebo, mnumzane. IBhayibheli lisho njalo, yingalesosizathu ngikukholwa. Futhi ungokaDeveli. Inkolo yokukhonza imimoya yabafileyo iyiqhinga likaDeveli. Manje qaphelani, manje bhekisisani bobabili.

177 Futhi beningazibona izincwadi zindiza ziza kimi, ngaleyonkathi, ngenkathi indatshana yami ilandela eyakhe. Akumangalisi yini lokho, ngaphambi nje kokuphela kwesikhathi, uNkulunkulu ukhulume lezizinto na? Ne*Reader's*

*Digest* ishicilelwa ngazozonke izilimi eziphansi kwezulu. Niyabo? Qaphelani, akumangalisi zalandelana na?

178 Manje nakhu kungena izincwadi, zathi, "Mfowethu Branham, lokho kufakazisa ukuthi awulutho kuphela uyisangoma." Zathi, "Lokho kuyakufakaza. Buka lapha, watshela lowo wesifazane ukuthi wayezotholaphi . . . Awubuke *lo* wesifazane?"

179 Ngathi, "Awume kancane. Nginencwadi yasemthethweni ephumileyo," ngiyaxolisa, "yokuba ithunyelwe kubantu." Ngathi, "Nazi kancane kabi nina bashumayeli." Ngathi, "Esikhundleni sokubhaphathiza umzimba wenu, nidinga ukuthi kubhaphathizwe ubuchopho benu." Kunjalo. "Animi ukuba nicabange ngezinto. Anizami ukukunaka."

180 Yileyondlela efanayo abenza ngayo ngezinye izinsuku. Babembonile uJesu. Babazi ukuthi Wayekwazi. Wayezazi izimfihlo zenhliziyo yabo. Wayazi ukuthi babenzani kanjalo. Futhi bathi, "Uyinkosi yodeveli. UNguBelzabube, umbhuli obedlula bonke ezweni." Abazange bame ukuba bazame ukukubona, ukubona ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Babengekho emoyeni ngokwanele ukuba bakwazi. Lokho kungukuthi, bayifunda beyeqe into. Impela, uJesu wayefanele ukuzongena eJerusalema, egibele umnyuzi, nokunjalo, kodwa babuka ekuFikeni kwesibili.

181 Nento efanayo namhlanje! Bayibuka bayeqe ngaphezulu into yangempela. Haleluya! Kunjalo. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ulapha, kulentambama, futhi ngiyazi ukuthi ngidla esiningi isikhathi senu, kodwa ufanele ukubone lokhu, mngane. Uma ngingasophinde nginibone futhi, nifanele nazi ukuthi amademoni ayini, nifanele nazi ukuthi iQiniso nokweduka kuyini. Futhi kusondele kakhulu, ufanele uyehlukanise into.

182 Manje khumbulani, akuzukuba phandle laphaya, into ele ngaku*leli* icala njengabaFarisi, noma okuthize okusemuva le ngaku*lelo* icala. Kukhona phezulu lapha emnyango, eduze kwawo impela. Kubhekisise. Manje uma ngithathe . . .

183 Ake sibone lamacala omabili. Uma ngithathe futhi ngikunike idola, manje, uma ngikunika idola-mbumbulu. Sizosebenzisa umfanekiso ukuze nikubone. Into yokuqala ongayenza, uma uyindoda ehlakaniphile, uma ucosha idola futhi walibheka, into yokuqala, uzolizwa ngokuliphatha futhi ubuke ukuthi lenziwe ngani. Kunjalo na? Uzobuka ukuthi lenziwe ngani. Uzobuka ukufaneleka kwalo. Idola langempela alenziwe ngephepha, liyingxenye yephepha nosilika, niyabo. Futhi into yokuqala, uzofanele ubuke ubunani balo. Leyo yinkomba yokuqala.

184 Futhi manje ake sithathe yena owesifazane ngale ngaku*leli* icala; bese sithatha iNkosi ngale ngaku*leli* icala, lokho kuphathelene nathi.

185 Manje bukani, into yokuqala enizofanele niyiqaphele, konke. . .Bhekisisa indatshana yakho. Eminyakeni ethize eyeve emashumini amahlanu yokubhula kwakhe, futhi ekhuphula imimoya yabafileyo, akakaze amphathe nakanye uNkulunkulu, uKristu, ukuphulukisa kukaNkulunkulu, ukukhululwa, ukwaHlulela, noma lutho. Akukho lutho kuphela ukutshekula nobuwula kukho.

186 Kodwa ngale ngaku*leli* icala, nguNkulunkulu njalo njalo, ukwaHlulela, ukuFika kukaJesu, ukuphulukisa kukaNkulunkulu, amandla kaNkulunkulu, ukukhululwa. Buka ubunani bakho. Awubaboni ababhuli nabathakathikazi bephumile beshumayela iVangeli. Kwenzenjani kubantu na? Wo! Qaphelani!

187 Nento yangempela efanele ukwenziwa, uma ufuna ukuthola ukuthi yidola langempela noma qha, uma kubukeka kufana kakhulu nalo, susa izinombolo kulo bese ulibuyisela emuva esigayweni semali. Futhi uma kukhona izinombolo lapho ezihambisana nalelo, kukhona idola eliyisiliva elililindele. Kunjalo na?

188 Awu, manje-ke, mfowethu, thatha lokho owesifazane akwenzayo, futhi ukuthathe ukubuyisele eBhayibhelini, uzothola ukuthi ngumthakathikazi waseEndori.

189 Futhi thatha lokhu okulapha, uzokuthola emuva, kuseNcwadini lapha eSigayweni semali, "UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade." Impela, umsebenzi waKhe ofanayo! Akazange ahambe futhi enze ubuwula nombhedo kubantu. Kwakwenzelwa okuhle, ukusiza othize, ukubaholela kuNkulunkulu. Amen! Angizi "ameneli" mina, kodwa ukuthi *amen* kuchaza ukuthi "kunjalo." Futhi ngi. . .NgiyaKukholwa. Ngiyazi ukuthi KuliQiniso.

190 Manje qaphelani, nakhu lapho enikhona. Manje, masinya manje, ngoba angifuni ukuba ngibe ngisanibambezela isikhathi eside.

191 Lapha, ake sinikeze isithombe esincane lapha, isithombe esincane sengqondo. Nanku umfudlana wedlula khona lapha, wehle njalo udabule *ngapha*, uza uzokwedlula ekuphileni. Manje bhekisisani. Ngumgudu. Nginakeni manje, ukuze ningakugeji lokhu. Wehle njalo *kanje*. Manje, kulomgudu omncane lapha kuhlala izidalwa ezisazofa, wena nami. Manje, phakathi lapho, ake sibuke ukuthi kuyini. Kunobuninginingi ubuwula nakho konke okunye, kodwa kuthi isikhashana usuzobona ukukhanya. Ubona ubumnyama nemigwaqo, lokho ukutshekula nokuqhubeka, odeveli bethola abantu. O, bagqoka kahle, wo, futhi baphucuzeke ngempela, izifundiswa ezinkulu

eziphucukile, kodwa kuselokhu kunguDeveli. Kodwa kukhona ozelwe ngokusha ohlezi phakathi lapho.

192 Manje, lababantu kulomgudu bathonywe amacala amabili ehlukene. Manje, ngakulelicala kuhamba nga*le*ndlela, kukhona ubuthathu. Futhi ngakulelicala kuhamba nga*le*ndlela, kukhona ubuthathu.

193 Manje, ngenkathi, manje indawo yokuqala, ngaku*leli* icala, yimiphefumulo yaba*ngalungile*, uma umuntu efa ungena endaweni elindele ukwahlulelwa. UJesu wahamba wayoshumayela kuleyomiphefumulo eyayisekuboshweni lapho. Okulandelayo ngamademoni. Okulandelayo, nguDeveli nesihogo. Kwenyuke, okokuqala, manje, abaphakathi lapho yizipoki, imimoya yabafileyo abantu abangazange baphenduke. Balindele ukwaHlulelwa. Into kuphela abayaziyo ubuwula nalokho abakwenzayo.

194 Manje, phezulu lapha, lamaKristu athonywa ngokuvela Phezulu. Lona ngumfanekiso. Phezulu lapha ngomunye uMoya, uMoya oNgcwele, uMoya woMuntu, uKristu Jesu. UMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele uthonya iBandla laKhe kulendawo yabasazofa.

195 UDeveli, nga*le*mimoya, uthonya umuntu. Manje, bukani, okulandelayo yiziNgelosi. Okulandelayo nguNkulunkulu. Manje, wonke umuntu osazokufa lapha uthonywa ngelilodwa lalamazwe. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?

196 Manje okwenziwe yilowo wesifazane, ubhobokele kuleyondawo. Futhi ukhuluma nalabobantu abakhwelwe amademoni ababe, ekuqaleni, beyimimoya yalezozingelosi ezawayo ezingaphendukanga emuva ngaphambili ekuqaleni, futhi bavumela ubuntu bazo ukuba bungenwe yiwo. Futhi balindele ukwaHlulelwa.

197 Futhi *laba* ngapha bathonywa futhi bazalwa ngokusha nguMoya kaNkulunkulu. NoDeveli unabaprofethi bakhe, noNkulunkulu unabaKhe. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Ngukuthonywa, futhi siya lapho. Yeka ukukwehlukanisa. UJesu, ngenkathi Eselapha emhlabeni . . .

198 Manje, namhlanje, angeke abhobokela kuleyondawo futhi akhiphe umuntu olungileyo kuleyondawo. Wayengeke akwenze, ngoba abantu abalungileyo abekho phakathi lapho lapho ababevamise ukuba khona, eParadesi. Qha, mnumzane. IParadesi laqedwa, ngenkathi iGazi likaJesu lilisusa. Bukani lapha. We!

199 Uma bengingacabanga ngokuthi uJesu wakwenza kanjani, ngenkathi Efa, Wahamba wayoshumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni. Wafa, isoni, engazi-sono, nokho isono sethu sasiphuzu kwaKhe. Futhi uNkulunkulu, ngenxa yezono zaKhe, waMthumela esihogweni. IBhayibheli lathi, "Wahamba washumayeza imiphefumulo."

200 Abanye abantu bathi, "Mfowethu Branham, angikuqondi." Bathi, "UJesu wavuka ngosuku lwesithathu. Wafa ngoLwesihlanu ntambama wavuka ngeSonto ekuseni, ngani, Wafa usuku olulodwa kuphela."

201 Wathi, "Phakathi kwalezo isikhathi," ngokuba WayenomBhalo owodwa eBhayibhelini, Ayengama ngawo. Ngokuba, uDavide, umuntu owahlubuka kamuva, kodwa wasindiswa, kodwa umprofethi phansi kokuphefumulela kukaNkulunkulu, wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, angiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." Futhi wayazi, izinsuku ezintathu nobusuku, ukuthi lowomzimba wawuzobola. Futhi uNkulunkulu wayeseshilo kumprofethi, "Akayikubona ukubola." [Akuqoshwanga—Umhl.]

Haleluya! Wathatha iZwi likaNkulunkulu. Wehlula uSathane, ngaso sonke isikhathi, ngaLo. Wehlula ukufa, ngeZwi likaNkulunkulu. Haleluya! Wehlula ukufa. Futhi ngenkathi beMbulala, futhi Wafa, isoni, izono zami nezono zenu ziphezu kwaKhe, Wehla, sengiyaMbona engqongqotha kulowomnyango lapho.

Naleyomiphefumulo elahliweyo yaphuma yathi, "Awu, Ungubani Wena na?"

202 Wathi, "Animlalelanga ngani uEnoke na? Anibalalelanga ngani labobaprofethi abanye abashumayelayo na?" Balahlwa. "NgiyiNdodana kaNkulunkulu eke yaphila. Ngi. . .IGazi laMi selichithiwe. Ngizonitshela, Ngikugcwalisile abaprofethi abathi Ngiyokwenza." Wehla njalo wedlula emademonini, waze wayongena ehayidese, ethatha izihluthulelo zokufa nezehayidese ezephuca uDeveli, wazilengisa ohlangothini lwaKhe, waqala ukwenyuka ebuyela emuva. Haleluya!

203 Kusesekuseni. Haleluya! Ake sidwebe isithombe esincane lapha. Ekuseni kakhulu, kukhona elinye iqembu elilele ngapha eParadesi. Abekho lapho manje.

204 Manje, nina bangane abakhulu abangamaKatolika enikholelwa ekumelweni ngabangcwele. Uma nikhuluma nongcwele ebandleni lenu, lowomuntu uyisoni, usesihogweni, noma—noma ulinde ngaleya ukwahlulelwa kwakhe. Futhi uma wayengongcwele, usenkazimulweni kaNkulunkulu futhi angeke abuya. Kunjalo. Ngingakufakazisa lokho. Igazi lezinkunzi lalingenakusisusa isono, kodwa iGazi likaJesu lasehlukanisa isono.

205 Sengiyambona uJesu enyukela lapho, eParadesi, nango uAbrahama omdala, uIsaka noJakobe, nabanye phakathi lapho, uSamuweli nabobonke abanye babo phakathi lapho. SengiyaMuzwa engqongqotha emnyango. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kasithupha—Umhl.] Amen! O, ngiyakuthanda lokhu. Ngizizwa kahle, ngizizwa sengithi ukugcwala ukukholwa manje. SengiyaMbona ebuka laphaya.

Sengiyamuzwa ethi, "Ubani ophandle lapho na? UBani Lowo olapho?" Wathi, "Yimi, nguAbrahama lona okhulumayo. Ubani?"

206 "NgiyiNzalo ka-Abrahama." Amen. Sengiyambona uAbrahama eza emnyango, wavula umnyango. Wathi, "NgiyiNzalo ka-Abrahama."

UDaniyeli wathi, "Awubheke laphaya! Nanto Itshe engalibonayo liqheshulwa entabeni."

207 Sengiyabezwa abantu bethi, "Nanguya! NgiMbonile, njengothuli phansi kwezinyawo zaKhe, amafu enyakaza, lapho izinqama. . . zishaya izandla zazo, amaqabunga, futhi onke amemeza." O, sengiyababona abehlukene lapho eParadesi, belindele Yena.

208 SengiyaMuzwa ethi, "Wozani! Sekuyasa ngaphezulu eJerusalema. Sifanele siphume lapha. Siyenyuka, ngoba nethembela egazini lezinkunzi nelezimbuzi, nilindele isikhathi seGazi laMi. Kodwa iGazi laMi selichithiwe phezulu lapho eKalvari. NgiyiNdodana kaNkulunkulu enesimo somuntu. Zonke izikweletu zesono sezikhokhiwe. Sisendleleni siyaphuma!" Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!

209 Sengiyambona uAbrahama edumela uSara ngengalo, futhi nampa beza, bephuma ngqo! KuMathewu 27, ngenkathi ephuma, sengiyabezwa bethi ukuma kancane ngaseJerusalema lapho. Futhi into yokuqala uyazi, sengiyababona oKayafase bemi emgwaqeni, bethi, "Bangitshela ukuthi lowomfo uvukile. Awusho, ubani lowayamfo ohamba laphaya; lowaya-mfo omncane, leyantombazane encane?"

210 Abasebadala; lowo kwakunguAbrahama noSara. Futhi banyamalala. Babuka, "Ukhona osiqapheleyo." Babekwazi ukunyamalala njengoba Aphuma odongeni, uhlobo olufanayo lomzimba. Haleluya! Kunjalo. Nampa bonke abaprofethi nabanye, behamba hamba, beqalaza umuzi.

211 Futhi uJesu wahola waze wayongena phezulu, noma phezulu wedlula izinkanyezi, inyanga, amafu, futhi wathumba abathunjiweyo, wapha abantu izipho. UJesu uhlezi namuhla ngakwesokunene sikaYise, wakhwela phezulu lapho, wahlala phansi, zize zithi zonke izitha zaKhe zibe yisenabelo sezinyawo zaKhe.

212 Futhi namhlanje, mngane wami othandekayo ongumKristu, amademoni asebenza zandla zonke. NoMoya kaNkulunkulu uyaphuma impela, ngakwesinye isandla, ukulithikameza ngaso sonke isikhathi. Haleluya! Nakho lapho okhona. Amaphephandaba namaphephabhuku amadayijesti nakho konke okunye kuyakumemezela. Bayakuqaphelisisa. Abakwazi ukubona ukuthi kuyini. Kuyini na? Kuyisibikezelo sokuhlala obala kwamaqiniso okukhulu okuzofika masinyane nje,

phakathi kukaNkulunkulu noDeveli. Yibani ngasohlangothini lukaNkulunkulu futhi nibekahle enhliziyweni yenu. Amen.

213 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngangisenhla eToledo, eOhio, nginomhlangano. Ngizovala.

214 Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini ngamademoni na? Ayasebenza. Akholwa impela, akholwa impela nje nse! O, aya esontweni njalo ngeSonto, aphindaphinde iSivumo sokholo sabaPhostoli, futhi acule iHubo lokubonga. O, he, akholwa impela impela!

"Mfowethu Branham, uchaza ukuthi yiQiniso lelo na?"

215 Yilolohlobo lomoya olwaphanyeka uJesu Kristu esiphambanweni. NoJesu wathi, "Nina ningabakayihlo, uSathane."

216 Manje abanye babo bathi, "O, iRashiya ingumphikukristu." Lutho! IRashiya ayisuye umphikukristu. Umphikukristu uzoba ngokholwayo impela kuyoze kuluthe abaKhethiweyo impela uma kungenzeka.

Khumbulani, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa hhayi uMoya waKhe. UDeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa hhayi umoya wakhe. Manje, ilapho-ke. Zilinganise wena. Mina ngibophezeleke eQinisweni kuphela.

217 Amademoni, esebenza! Izolo, ngiwasho esendaweni yenyama. Namhlanje, nginikhombisa esendaweni kamoya, lapho ekhona endaweni yezenkolo. Lapho ekhona ngaphandle ngaleya, ebizwa ngomdlavuza, futhi bawabiza nga*lokhu, lokho*, no*kunye*, kodwa ngikufakazisile kini, ngeBhayibheli, angodeveli. Manje, ngapha, namhlanje, nanka futhi endaweni yezenkolo, akholwa impela, amnene impela.

218 Uma uzoqala, mfowethu, futhi ucabange. UKayini, ukuqala kwakho impela, wayeyindoda ekholwayo impela. UEsawu wayeyindoda ekholwayo impela. UJuda wayeyindoda ekholwayo impela. Yinkolo. Akusilona izwe elingaphandle. Kukhona impela ezikhundleni. Kuqaphele lokho, ubudemoni! Mhlawumbe kamuvanyana, ngesinye isikhathi, ngingangena kukho kakhudlwana. Sishiywa yisikhathi.

219 Ungalahli-muntu. Thanda wonke umuntu. Uma ungenakuthanda ngokuvela enhliziyweni yakho, khona-ke uKristu akanawe.

220 EToledo, eOhio, ngangena endlini encane yokudlela ukudla okuthengwa khona. Ngangikade ngidla kuyo indawo, indawo encane kaDunkard, indawo encane ethandekayo. Babekahle kabi. Ngaleyontambama base bevalile, ukuba baye kuSonto sikole. Futhi lapho sebenzenjalo, ngafanele ngiwelele ngapheshe ya komgwaqo, endaweni endadlana okungeyezwe, futhi ngahamba ngangena lapho. Futhi ngiyazi ukuthi akuvunyelwe ukugembula eOhio. Futhi nakhu kumi iPhoyisa

likaHulumeni ligaxe intombazane, isandla salo silengela lapha esifubeni sayo, lidlala emshinini wokudlala imali. Umthetho wamazwe akithi nesizwe, konke sekuphelile. Kubi kabi!

221 Ngethembele kuKristu iDwala eliqinileyo, ngimile, yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. Akukho okunye okusele. Kunjalo.

222 Ngabuka emuva lapho, futhi kwakukhona intombi enhle, cishe ilapha emashumini, ishumi nesishiyagalolunye, ishumi nesishiyagalombili, iminyaka eyishumi nesishiyagalolunye ubudala. Futhi ababekwenza, labobafana emuva lapho bezungeze itafula, kwakwenyanyeka. Ngahlala phansi lapho. Futhi manje okwangimangaza, ngihlezi lapha lapho inenekazi liza ngakhona, lathi, "Ungahlala esitulweni?"

Ngathi, "Ngiyabonga. Bengifuna ukudla kwasekuseni."

223 Futhi kuhleziwe esihlalweni, nakhu kuhlezi inenekazi eselilidala, lilidala njengomama wami, amashumi amahlanu-nanhlanu, lineminyaka engamashumi amahlanu-nesishiyagalombili ubudala. Laligqoke ipheya lalezozingutshana ezingezokungamesabi uNkulunkulu abazigqokayo.

224 Bathi bona kuyapholisa. Isayense ithi, "Uyahlanya." Impela, akupholisi. Nje ufuna ukukhombisa ubuze bakho. Kungamahloni, ihlazo. Inenekazi ngeke lizigqoke. Umfazi angakwenza, kodwa inenekazi ngeke.

225 Bese-ke, ngakho base be . . . lalilapho, lihlezi lapho. Inyama yalo bandla yayiyintecentece. Lalinalomuthi wezinzipho oluhlobo olubukeka njengembali engenampande, noma ngabe ukubiza ngani, ezindebeni zalo. Nokugunda izinwele kancanyana njengendoda, ezazisongeke zonke; iBhayibheli elakushoyo, okwakuyihlazo. Futhi owesifazane, ukuthi indoda . . .

226 IBhayibheli liyasho, uma owesifazane enquma izinwele zakhe, indoda inelungelo lokumlahla ngesahlukaniso, ngoba akethembekile kuyo. Sifanele sehle sishumayele iBhayibheli lapha ngezinye zalezizinsuku. Lathi, "Uma ephungula izinwele zakhe, uhlazisa indoda yakhe." Uma ehlazisa, ufanele alahlwe. Ungeke uganwe ngomunye, kodwa ungamlahla. Wewu! Mfana, lokho, lokho kuhamba kal'khuni, ngiyakuzwa. Kodwa lelo yiQiniso.

227 O, kwakuvamisile, sibe nakho ezindaweni zikaMoya oNgcwele, kodwa siwise imigoqo. Umfowethu omdala wayevamise ukuthi, "Siwise imigoqo, siwise imigoqo, siyekelele isono. Siwise imigoqo, izimvu zaphuma, kodwa zingene kanjani izimbuzi na?" Uwise imigoqo. Kwaba yileyo indaba. Uwise imigoqo, izwe nomhlaba kwahlangana ndawonye. NjengabakwaMowabi nje nokunjalo, noBalami, nokuthi wagana kanjani phakathi kwabo, lokho kuyinto efanayo nse namhlanje.

Nebandla lingcoliswe lonke, nonyaka wePentekoste ungunyaka waseLawodikeya, oba yisivivi, futhi latsakwa emlonyeni kaNkulunkulu. Futhi eqenjini lonke, uNkulunkulu ubiza insali yaKhe, uLithatha ulisa eKhaya, kunjalo impela, kungokuvuka impela.

228 Futhi lalilapho, lihlezi lapho, umuthi wokugcoba izinzipho ugcwele ubuso balo bonke, futhi wawugcwele yonke indawo kanjalo. Futhi lalinalokhu lapha into emnyama phezu kwamehlo alo, futhi lalijuluka, kwakwehla. Futhi into endala bandla ingahle ukuba yayinabantwana abayisizukulwane sesithathu. Futhi lalihlezi lapho namakhehla amabili, nelinye lawo linesikhafu esikhulu entanyeni yalo, futhi kunguJuni, lihlezi lapho. Futhi lasukuma, futhi lalithi ukuphuza, futhi inenekazi laliphuza, nalo. Futhi laliqalaza.

229 Ngacabanga, "O, Nkulunkulu! Nkulunkulu, yini Ungavele uyishanele lento isuke emephini na? Awukwenzi ngani na? Ngabe uSharoni wami omncane. . .Ingane yami encane, uSara wami omncane noRebekah wami omncane uzokhuliswa kulesosizukulwane, ukuba azobhekana nento enjengaleyo na?" Ngacabanga, "Awubheke phandle lapha kulamapaki nezinto, nokuthi kwenzekani." Ngacabanga, "O Nkulunkulu! O, ngiyajabula Wamthatha uSharoni uma kwakuyintando yaKho. Ngabe uRebekah wami omncane nencane—uSara omncane uzokhuliswa phansi kwento enjengaleyo na?" Okungukuthi, nalabobantu bababiza. . .bacula ekhwayeni nakho konke. Futhi ngacabanga, "Akusiwo amahloni lawo na?" Ngacabanga, "Nkulunkulu, ukulunga kwaKho okuNgcwele kungakumela kanjani na? Kubukeka sengathi ulaka lokulunga kwaKho luzophuma lundizele lapho futhi—futhi luphephule lendawo."

230 Futhi ngezwa iNgelosi yeNkosi, yathi, "Buyela eceleni." Ngawelela lapho. Futhi lapho Isiqedile ngami, ngazizwa sengathi ngingumuntu owehlukile. "Ulilahlelani?"

Ngathi, "Awukubheke lokho, indlela eliyiyo." Futhi nakhu E. . .

231 Ngabona umbono. Ngabona izwe elinjenga*leli*, liyindingilizi, elinye izwe. Kodwa lelizwe *lapha*, lalizungezwe wuthingo lwenkosazana, futhi lelo kwakuyiGazi likaKristu elivikela ulaka lukaNkulunkulu. Wayengenakukubuka lokho, Wa—Wayezoyibhubhisa into khona manje, ngoba Wathi, "Mhla niwudla, ngalolosuku niyafa." Ngakho Wayengakwenza.

232 Ngase ngicabanga kanje. Ngazibona mina uqobo. Nakuba ngingakwenzanga lokho, kodwa ngangiyisoni, nokho. Kwase kuthi-ke iGazi likaJesu Kristu lisebenza kithi njengebhampa. Niyabo? Ukuthi, uma ngona, izono zami zishaya Yena bese kunyakaza ikhanda laKhe eliyigugu, futhi ngazibona izinyembezi neGazi kwehla. "Mthethelele, Baba, akakwazi

akwenzayo." Futhi ngenze okunye okuthize futhi kushaye kuLo. "Mthethelele, Baba."

233 Uma sike saMedlula, bengiyobhujiswa. Futhi ukuba ngangingazange ngiwemukele umusa waKhe, futhi ngosuku umphefumulo wami ogwedla ngalo uye ngaphambili kwalokho, sengivele ngehlulelwe. Ngenqabile. Akusekho okusele kuphela ukwahlulelwa. Ngahlulelwe, sengivele ngahlulelwe. UNkulunkulu wathi, "Mhla niwudla, ngalolosuku niyafa. Wehlulelwa kahle. Lesi yisihlalo sokwahlulelwa kulentambama, indlela oziphatha ngayo kuKristu.

234 Ngase-ke ngicabanga, "Yebo, kunjalo." Futhi ngabona ngelinye ilanga ngagaqazela ngaya kuYe. Ngayibona incwadi yami endala ibekwe lapho, isoni, nakho kubekwe yonke into phezu kwayo. Ngazibona izono zami yisona esasikwenza, futhi ngathi, "Nkosi, Uzongithethelela na?"

235 Wathatha isandla saKhe wasifaka ohlangothini lwaKhe, wakhipha iGazi, waloba ngaphezulu kwaso, wayesethi, "Uxolelwe." Wasiphosa ngemuva olwandle lokukhohlwa, ukuba angaphinde asikhumbule. Sahamba ingunaphakade! Wathi, "Ngiyakuthethelela, kodwa uyalilahla lona."

Lokho kwawuguqula umqondo wami. Ngathi, "Nkosi, yiba nesihawu."

236 Emva kokuba sengiphuma kuwo, ngahamba ngaya ngale ngase ngihlala phansi. Ngathi, "Sawubona, nkosazana?"

Lathi, "O, halo."

237 Ngase ngithi, "Uma uzongixolela," ngathi, "NginguMfu. Branham, umfundisi."

Lathi, "O, ngiyaxolisa. Ngiyaxolisa, Mfu. Branham."

238 Ngathi, "Nenekazi." Ngalixoxela indaba. Ngathi, "Bengimi laphaya, futhi bengikulahla, futhi ngicabanga, 'Into enyanyeka kangaka pho!' Mhlawumbe unabantwana."

Lathi, "Nginabo."

239 Ngathi, "Yini eyabangela indlela yokuthi kuhambe kabi na?" Liqala ukuyiqaqa indaba kimi eyayingadabula inhliziyo yanoma yini. Ngathi, "Be—bengibuza uNkulunkulu ukuthi kungani Engavelanga wayihhala into enje wayisusa emhlabeni. Lapha, ulapha nalamadoda amabili adakiwe, nawe udakiwe, qobo lwakho." Futhi ngathi, "Ngelinye ilanga . . . LeloGazi libambe intukuthelo kaNkulunkulu ingezi kuwe. Uzofa ngolunye lwalezizinsuku. Futhi, manje-ke, u—ungumuntu onokuzikhethela manje, ungenqaba noma wemukele." Ngathi, "Kodwa ngolunye usuku umphefumulo wakho uzoya ngaphesheya laphaya, lapho okungasekho-musa osasele. Futhi uma ufela ezonweni zakho, usuvele wehlulelwe, futhi uzoya esihogweni."

240 Niyazi ukuthini? Lowo wesifazane wathi nyelele waphuma kulesosihlalo lapho kuleyondlu okuthengwa ukudla kudlelwe khona. Saba nomhlangano womkhuleko onjengongakaze uwuzwe empilweni yakho, futhi wayeseza kuKristu. Kwakuyini na? Ungabalahli; batshele iVangeli. Bakhwelwe amademoni; bangabantu abasazofa kulendawo. Bathonywa ngaphezulu lapha. Ukuthonywa kwethu kuvela phezulu. Ake sibone ukuthi singenzani ngamatalenta ethu, ukuzuzela uKristu abanye.

241 Baba wethu waseZulwini, siKubonga ngobubele baKho nesihawu. Ngiyaxolisa, Nkosi; mhlawumbe, abantu, sengibabambezele isikhathi eside lapha. Kodwa ngokuba kungukuvalwa kwalemihlangano yantambama njengalona, bengifuna ukubatshela ngama, "demoni," futhi nginqumele okuningi kakhulu kwakho endaweni eyodwa, entshumayelweni eyodwa, kodwa mhlawumbe bangakucosha, lapha nalaphaya, futhi baqonde ukuthi bengichaza ukuthini. Uyazazi izinhloso zenhliziyo yami, zokukwethula.

242 Sengathi abantu bangahamba besuka lapha kulentambama, nabesilisa nabesifazane baqaphele sonke isinyathelo sonke abasenzayo, kodwa bahlale bejabule futhi bekhululekile. Sengathi bangazi ukuthi uNkulunkulu ubasindisile. Futhi sengathi bangabheka kuYe, bakhohlwe yizo zonke izijobelelo nezinto okubazungezile, futhi bahlale ngokuthula nangesizotha, nasekumesabeni uNkulunkulu. Bese kuthi-ke, Nkulunkulu, uma Ufuna ukubasebenzisela noma yini, Ungakhuluma nabo ngqo futhi ubathumele nomaphi lapho Ofuna baye khona noma yini Ofuna bayenze. Sengathi abantu bangazithoba futhi bafumane uKristu enhliziyweni yabo. Sithethelele, Nkosi, emaphutheni ethu, sonke.

243 Futhi siyazi ukuthi—ukuthi uSathane uphume njengengonyama ebhongayo, ndawo zonke, egwinya akuthandayo, embethe ingubo yokuzifihla yenkolo. O Nkulunkulu, lababantwana abancane bandla, babuke, ndawo zonke. Bavulekile futhi badalulekile kubantu. Futhi ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuba ube nesihawu kubo, futhi usindise bonke abalahlekileyo, uphulukise abagulayo. Futhi, Nkulunkulu, siyaqonda ukuthi laba odeveli abadala bokugula beza phezu kwabantwana baKho, ukuthi Unokubuyisana okubekwe ngaleya, kuzokunaka lokho. Futhi bonke odeveli abazobenza bone, Unokubuyisana okubekwe ngaleya, kuzokunaka. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokwenza eGameni likaJesu. Amen.

Angazi noma kukhona . . .

